


IZWI LIKAN^NKULUNKULU

LIBIZA UKWEHLUKANA NYA

NOKUN^GAKHOLWA

 ...miBhalo, emiBhalweni embalwa engiyilobebe lapha, yalokho engi...uma ngifuna, ngikubize ngendikimba. Bengingeke ngazi noma ngikubize ngendikimba, noma qha. Kodwa okwendikimba nje, ngifuna ukuthatha lomcabango: *iZwi likaNkulunkulu Libiza UkweHlukana Nya nokuNgakholwa.*

² Futhi manje ngifisa ukufunda eBhayibhelini, ngale eNcwadini kaGenesisi, isahluko 13 sikaGenesisi, futhi sifisa ukuqala ngevesi 5, ukufunda. Ngithanda nje ukufunda iZwi. Ngoba, engikushoyo kungehluleka, lowo ngumuntu. Kodwa, uma nje ngifunda leliZwi, Akushoyo kungeke kwehluleka. Ngakho manje-ke ngiyazi kuyoba nokuhle okuphuma kukho, uma kungengaphezu nje kokufunda iZwi. Ivesi 5, siyaqala, lesahluko 13.

Naye uLoti, owahamba noAbrama, wayenezimvu, nezinkomo, namatende.

Futhi izwe lalingenakubanela, ukuba bahlale ndawonye: ngokuba impahla yabo yayiningi, kunokuba bahlale ndawonye.

Futhi kwavela ukuxabana phakathi kwabelusi bezinkomo zika-Abrama nabelusi bezinkomo zikaLoti: amaKhanani namaPherizi ayehlala... ezweni.

Futhi uAbrama wathi kuLoti, Akungabikho ukuxabana, ngiyakuncenga, phakathi kwami nawe, naphakathi kwabelusi bami nabelusi bakho; ngokuba singabazalwane.

Izwe lonke alisobala ebusweni bakho na? mawuhlukane, ngiyakuncenga, nami: futhi uma uya ngakwesokhohlo, ngiyakuya ngakwesokunene; noma uma uya ngakwesokunene; ngiyakuya ngakwesokhohlo.

Futhi uLoti waphakamisa amehlo akhe, futhi wabona ukuthi ithafa...laseJordani, ukuthi lalinamanzi lonke, iN^KOSI ingakachithi iSodoma neGomora, lalinjengensimu yeN^KOSI, njengezwe laseGibhithe, kwaze kwaba seZora.

ULoti wakhetha amathafa lonke laseJordani; uLoti wasuka waya ngasempumalanga: bahlukana omunye nomunye.

Futhi uAbrama wahlala ezweni laseKhanana, uLoti wahlala emzini wasemathafeni, wamisa itende lakhe ngaseSodoma.

Kepha abantu baseSodoma babebabi futhi bengabonayo kakhulu phambi kweNKOSI.

Futhi iNKOSI yathi ku-Abrahama, uLoti esehlukene naye, Phakamisa manje amehlo akho, futhi ubuke usendaweni lapho umi khona...enyakatho,... eningizimu,...empumalanga,...entshonalanga:

Ngokuba izwe lonke olibonayo, ngiyakulinika wena, nenzalo yakho kuze kube-phakade.

³ Manje, umcabango, weZwi likaNkulunkulu libiza ukwehlukana nya! Sazi kuphela lokhu ngokuthi njengoba sifunda iZwi futhi sibone iZwi Lizibonakalisa.

⁴ Manje, ekuqaleni, uGenesisi 1:3, siyakuthola lokho. “Kwakunobumnyama phezu komhlaba. NoMoya kaNkulunkulu wawuhamba phezu kwamanzi. Wayesethi, ‘Makube-khona ukukhanya,’ futhi kwaba-khona ukukhanya. Futhi uNkulunkulu wabona ukuthi ukukhanya kwakukuhle; futhi uNkulunkulu wahlukanisa ukukhanya nobumnyama.” Ngakho iZwi likaNkulunkulu laqala ukwehlukana ukukhanya nobumnyama, ekuqaleni, ngakho kuhlala kunjalo kuze kube namuhla.

⁵ Njengoba ngishilo izolo ebusuku, ngoJesu, ngenkathi Eneminyaka eyishumi nambili kuphela ubudala. Futhi kuyiphutha likamama waKhe, oshiwo ngabantu ukuthi ungumama kaNkulunkulu, nokuthi washo kanjani owesifazane ukuthi, “Ngani, ubaba waKho nami besiKufuna ngezinyembezi.”

⁶ Futhi masinya Yena, eyiZwi, wathi, “Anazi yini ukuthi Ngimelwe ngibe semsebenzini kaBaba waMi na?”

⁷ Niyabo, wayeMmemezela ukuthi uyindodana kaJosefa, kodwa Wayengesiyo indodana kaJosefa. Ukuba Wayekade eyindodana kaJosefa, Wayeyoba naye; kodwa Wayekanye noBaba, emsebenzini waKhe. Ngakho iZwi njalo liyaqondisana futhi lihlala njalo liqinisile, neZwi liyokuqondisa konke okuyiphutha, njalo.

⁸ Manje ngenkathi umhlaba o...UNKulunkulu wayezosebenzisa umhlaba, futhi wawusebumnyameni bhuce. UMoya kaNkulunkulu wakhuluma kwezwakala, wase uthi, “Makube-khona ukukhanya,” futhi Wahlukanisa ukukhanya nobumnyama. Futhi kade Kwenza lokho selokhu kwasukela lapho, kwehlukana ukuKhanya nobumnyama. IZwi

likaNkulunkulu futhi lahlukana amanzi nezwe, ekuqaleni. UNkulunkulu wakhuluma, namanzi ehlukaniwa nezwe. Ngakho, lokho, Wayene—nesizathu salokho.

⁹ UNkulunkulu akalikhulumi neze iZwi ngaphandle uma enesizathu sokukhuluma lelozwi. Akafani nawe nami, ukuthi sivele nje... noma ikakhulukazi mina uqobo, okhuluma izinto eziningi kakhulu ezingubuwula. UNkulunkulu ukhuluma onke amazwi ngento enekushoyo, nento ethize Azama ukuyizuzana ngempumelelo, futhi uyoyizuzana ngempumelelo ngeZwi laKhe. Futhi Liyokwenza khona impela Athi Laliyokwenza.

¹⁰ Manje, uma uNkulunkulu athi, “Makube-khona ukukhanya,” futhi akwangaba-khona ukukhanya, khona-ke lowo—lowo akusuye, lowo kwakungesuye uNkulunkulu owasho lokho. Niyabo?

¹¹ Nxa uNkulunkulu esho noma yini, Ufanele akwesekela Akushoyo. Futhi nxa iZwi likaNkulunkulu likade liqinisekisiwe, iZwi likade liqinisekisiwe, lokho ngukuKhanya. Manje, iZwi uqobo lwaLo alisikho ukuKhanya lize Libe ngukuKhanya okuqinisekisiwe.

¹² Uma uNkulunkulu athi, “Makube-khona ukukhanya,” futhi akwangabikhona ukukhanya, khona-ke kwakungesilo iZwi likaNkulunkulu. Kodwa ngenkathi ukukhanya kuvumbuka phezu komhlaba, lokho kwakhombisa ukuthi iZwi laqinisekiswa, futhi kwakungukukhanya.

¹³ Manje, namhlanje, uma uNkulunkulu enze isithembiso, futhi nxa lesithembiso siqinisekiswa, khona-ke lokho ngukuKhanya. Lokho ngukuKhanya kosuku, nxa iZwi liqinisekiswa, iZwi lehora lingeliqinisekisiwayo.

¹⁴ Manje-ke uNkulunkulu wayezoba no—nomhlaba ayezotshala kuwo izimila, futhi Wayezoba nabantu phezu komhlaba, Wayesekhuluma-ke futhi wahlukanisa amanzi nolwandle.

Manje-ke, futhi, Wahlukanisa, kuGenesisi, ukuphila nokufa.

¹⁵ Manje, uma silikholwa iZwi likaNkulunkulu, LiyiZwi lokuPhila kithi; kodwa uma sibuzana iZwi likaNkulunkulu, Lingukufa kithi. Ngokuba, uNkulunkulu ukhulumile, ubani ongaLiphika na? Niyabo? Futhi uma sibuzana iZwi likaNkulunkulu, khona-ke Liba ngukufa.

¹⁶ NjengoEva, manje, uEva wabuzana umkhakha owodwa omncane weZwi likaNkulunkulu, futhi kwenzani na? Kwabangela yonke lenkathazo esinayo. Ukuba wayesale waba semva kweZwi, waqiniswa emva kweZwi, zonke izikhali zikaNkulunkulu, futhi akangabi ngoLikhulwayo ngokungesikho, khona-ke kwakungeke neze kwenzeke

ngendlela okube ngayo, kwakungeke neze kwaba ngalendlela. Kodwa, niyabo, nakho kufika ukufa.

17 Manje-ke, uNkulunkulu futhi wayenokubuyisana. Engonesihawu kithi, Wemukela ukufa okuyisibambiso ngokufa kwabo, okungukuthi kokubili . . .

18 Wehlukanisa ukuphila nokufa, futhi, ensimini yase-Edene, futhi Wakwenza ngeZwi laKhe.

19 Futhi namhlanje Wenza into efanayo. Lapho, sisebumnyameni obuyisigayegaye, njengoba ngikhulume ngabo, ngeSonto, ubumnyama phezu komhlaba, phezu kwabantu, nobumnyama obuyisigayegaye. Phakathi kwakho konke lokhu, Usalokhu Ekhuluma iZwi laKhe lokuPhila kulabo abafuna ukuLikholwa. Futhi manje sithola ukuthi uma . . .

20 UJesu usitshela njalonjalo ukuthi kunokwehlukana. Futhi sithola ukuthi into yokugcina ebikezelwe esintwini, ngaphambi koSuku olukhulu oselungolokugcina lapho sesenyukela eBukhoni bukaNkulunkulu, kuyoba nokwehlukana osekungokugcina. Uyohlukanisa izimvu nezimbuzi.

21 UNkulunkulu uyokwenza, ngokuqhubekayo ubehlukanisa, ehlukanisa, futhi yilokho Akwenzayo kulobubusuku. Yilokho Akwenza njalo. Ningakubona kuyo yonke imihlangano. Wehlukanisa ukukholwa nokungakholwa. Ukhuluma kuzwakale. Uzimemezela Yena uqobo kulabo abayoMkholwa futhi babe nokukholwa kuYe.

22 Manje siyathola, kuNumeri, isahluko 6, ukuthi ubizo lomNazari, ubizo lomNazari lwalungolokuba bazehlukanise nalo lonke izwe, baye eZwini likaNkulunkulu. Lolo ubizo lomNazari, ehlukanisiwe.

23 Sithola ukuthi uSamsoni wayengumNazari, eNkosini, futhi wehlukaniswa ne . . . ngesibonakaliso. Nalesisibonakaliso sasingukuthi wayefanele abe nezinwele zakhe ezinde, zinamagoda ayisikhombisa. Kwakuyisi—sibonakaliso sokwehlukana, ukuthi wayebizelwe inhloso.

24 Futhi angifuni ukuthi ngithole sengiqale kulokhu, ngoba ngithe ku . . . Bengizokhuluma imizuzu embalwa nje.

25 Kodwa ngiyacabanga, namhlanje, uma sibona odadewethu benezinwele ezinde, njengoba iBhayibheli lathi bafanele, ngicabanga ukuthi yisibonakaliso somNazari ukuthi bafuna ukulandela iNkosi. Futhi ngiyazi ukuthi lokho kuzwakala kuyingcaca, futhi ngi—ngi—ngikufuna kuye ekhaya, niyabo, ngoba kunjalo. Kubukeka sengathi umuntu othize uzama uku—ukukwenza, agcine i—into ethize uNkulunkulu abatshela ukuba bayenze. Akunandaba ukuthi inani elingakanani, izwe lizosho ngaKho phandle lapho, noma kungaki ukuhlekusulu, noma abahleki, noma abagxeke, lokho akumkhathazi umuntu ohlukane nya nezinto zezwe, waya ezintweni zikaNkulunkulu.

Bonke bayohlonipha iZwi, futhi bazehlukanise nezinto zezwe, ngoba iZwi liyabehlukanisa.

²⁶ Ngiyazi bayakumela ukugxekwa. Kodwa ukuba sasingagxekwa, khona-ke kwakuyobakhona okungalungile. Izwe njalo liyabazi abalo. Kodwa njengoba ngikushilo, lokho, khumbulani, ukugxekwa, ngenxa yeZwi likaNkulunkulu, kuphela kuyizinhlungu ezikhulayo zomusa waKhe. Kukhombisa ukuthi wena uzehlukanisele ukuba ube—ube ngumKristu, ukuziphathisa okwakhe, ukuphilisa okwakhe, ukuhlonipha yonke imiYalo kaNkulunkulu. Futhi yi—yisifungo somNazari, ukwehlukana, ubizo oluvela kuNkulunkulu olukwehlukana nezinto zeZwe.

²⁷ Ngiyakholwa, kulobubusuku, ukuthi wonke owesilisa nowesifazane, wonke umfana nentombazane, ozelwe nguMoya kaNkulunkulu, ungumNazari eNkosini; ngoba bazehlukanisile lezozinto, bona uqobo, eminakweni yezwe nalokho izwe elizokusho.

²⁸ Nakhe kulelidolobha lapha lapho okunezikole ezinkulu khona. Futhi, futhi sibona isizwe sakithi sibiza ibanga eliphakeme lemfundo; okungukuthi kulungile, akukho okungashiwo ngalokho, kodwa leyomfundo ingeke yakunika insindiso. Usosayense angaluhlakaza uhlamvu lukakolo futhi akutshela ukuthi mangaki amakhemikhali ahlukene elikulo, kodwa kungeke kwakuthola ukuphila okuphakathi lapho. Imfundo ingakufundisa, noma ikufundise isayense yezibalo, futhi—futhi ingakufundisa umlando nanokunye, kodwa ingeke yakuletha ukuKhanya kuwe. Imfundo yakho ayiyikukwenza lokho.

²⁹ UNkulunkulu unendlela eyodwa yokuletha ukuKhanya kuwe: lokho kungenkathi lapho usulungele ukuzehlukana nazo zonke izinto zezwe, nayoyonke i—iminako yezwe, futhi ubambelele kuphela eZwini elithenjisiwe likaNkulunkulu.

³⁰ UPawulu wayengumNazari eNkosini. Wehlukaniswa nebandla lakhe lomthetho, waya eZwini likaNkulunkulu ophilayo.

³¹ UAroni wayengumNazari eNkosini. Wehlukaniswa phakathi kwabazalwane, ukuba athwale amatshe okuzalwa nokuba ngumpristi omkhulu.

³² Ngukwahlukana nya. Asisafanele ukuba sibe sisabuyela ezweni, noma kubekhona esizihlanganisa ngakho nezwe, kodwa ukuba sibambelele kuphela kuNkulunkulu. UJesu uzela uMlobokazi, owesifazane, iBandla elehlukane nezinto zezwe, noma iminako yezwe. Lehlukene nezimfeshini zalonyaka wesimodeni esiphila kuwo. Lehlukaniswe nemi—minako namasiko amabandla. Lehlukaniswe kuphela kuNkulunkulu, noNkulunkulu yiZwi. Futhi njengendoda nomfazi munye, kanjalo noMlobokazi neZwi baba Munye, ngokuba iZwi

liphila ngoMlobokazi. Kukanjalo-ke. Lokho yizincwadi zakhe ezimchazayo. Leyo yinkomba yakhe.

³³ Uma bengingahosha i—iPh.D. noma iLL.D., bese nginikhombisa izincwadi zami ezingichazayo ezivela enhlanganweni ethize noma ezivela kwesinye isikole, lesosikole besingayivuma leyoncwadi engichazayo.

³⁴ Kodwa incwadi kuphela echazayo ikholwa elinayo yiZwi likaNkulunkulu liphila kulo, limemezela uJesu ephila kulowomuntu. Lowo ngumNazari ohlukaniselwe iNkosi, ohlukaniswe ngenxa yeZwi. IBhayibheli lathi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, lisika lahlukhanise, nomnkantsa wethambo, futhi lahlulela imicabango osenhliziyweni.” Yingalesosizathu uJesu wayekwazi ukubuka phezu kwabantu bese ekubona ababekucabanga; WayeyiZwi.

³⁵ Manje, uAdamu wokuqala owazalwa ezweni, noma, hhayi owazalwa, kodwa wadalwa nguNkulunkulu, uAdamu wokuqala wazehlukanisa neZwi, waya kumkakhe. Manje, wayeyohlala neZwi ukuba wayefisa. Kodwa wazehlukanisa neZwi, ukuba abe nomkakhe.

³⁶ Yilokho impela elijwayelekile, ilunga lebandla lenyama elikwenzayo namhlanje, azehlukanisa neZwi eliphilayo leqiniso, ukuba abambebele ebandleni lawo. Lapho i...UEva wabeka umbuzo phezu kweZwi, ukuthi ngabe uNkulunkulu wayezejezisa noma qha. USathane wabeka umbuzo; uEva wawukholwa.

³⁷ Futhi manje-ke uma ibandla namhlanje libeka umbuzo phezu kweZwi, “Ngabe Uyafana na? Ngabe Usaphila eBandleni laKhe futhi enze izibonakaliso zaKhe nezimangaliso Azenza ngenkathi Eselapha emhlabeni, okungukuthi Wasithembisa kakhulu ngempela kuJohane oNgcwele 14:12 na?”

³⁸ “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza; ngisho nemikhulu kunalo uyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Ziyakubalandela!

³⁹ Umbuzo uthi, kubantu namhlanje, “Ngabe Ukusho ngempela na?” Futhi uma wemukela okushiwo yibandla, “Ngabe Ukusho ngempela na?” khona-ke uzibeka wena uqobo esimweni esifanayo uAdamu asenzayo, futhi uzijoyinise wena uqobo nowe—wesifazane webandla la—lalelizwe, futhi uzehlukanise nezibusiso uNkulunkulu azethembise lonke ikholwa eliyozehlukanisa nezwe liye eZwini. Manje lelo yiQiniso.

⁴⁰ Thina si, sibe nenhlanhla yokuphila osukwini ukuthi lapho iZwi likaNkulunkulu esilibone ukuthi labelwe wonke unyaka ngamunye, ngezinto ezithize ukuba zenzeke. Futhi uma lokhu kwabelwa, ngezinye izikhathi umuntu uyamangala ukuthi

kuzokwenziwa kanjani. Osolwazi banomqondo ongowabo. Kodwa kuleyominyaka, uNkulunkulu ubehlala njalo ethumela umprofethi waKhe. NeZwi leNkosi liza kumprofethi futhi uqinisekisa iZwi kulesosizukulwane. Nabaprofethi njalo wayengumNazari, ehlukaniswe nayo yonke into ukuba alalele iZwi likaNkunkulu.

⁴¹ Anikhumbuli ukuthi uPetru noJohane bathini, “Kulungile yini kithi ukuba silalele umuntu, noma uNkulunkulu na?” Ngenkathi bebabuza ngeshlakalo sasePhentekoste.

⁴² Manje, umuntu wokuqala wazehlukanisa, uAdamu wokuqala, neZwi, ukuba ahambe nomkakhe, owabuza ukuthi ngabe uNkulunkulu waligcina yini iZwi laKhe noma qha.

⁴³ Umfanekiso ophелеle kanje pho welisivivi, ikholwa elimqondo wenyama namhlanje, elisalokhu lisafuna ukubambelela kulokho isiko labo elikushoyo, esikhundleni sokuthatha lokho okushiwo yiZwi. Umfanekiso oyiwo ngempela! Wehlukaniswa, waya kumkakhe. Ikhola lenyama lehlukaniswa neZwi, liya ebandleni.

⁴⁴ Kodwa ngenkathi uAdamu wesiBili edalwa, esizalweni sowesifazane, futhi wafika ezweni, WayengumNazari eZwini likaNkulunkulu. Wehlukaniswa nezwe, waya eZwini. Manje, amaHeberu, isahluko 7, ivesi 26, kusitshela lokho, ukuthi labobapristi baqhubeka bafa, kodwa loJesu wayengewele futhi wehlukana nezoni.

⁴⁵ *Isono* nguku “ngakholwa.” Kwakungekho ukungakholwa okwafunyanwa kuYe, akukho-ndawo. Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, “Ubani ongaNgilahla ngesono na?” Isono nguku “ngakholwa.” “Uma Ngingenzanga nje lokho okwaprofethelwa lonyaka, uma Ngingahlangabezana nezingakalo zalokho uMesiya afanele akwenze, khona-ke ningaNgikholwa.” Wathi, “Hlolani imiBhalo, ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade, futhi Yiyo Efakaza ngaMi,” iyanitshela ukuthi UnguBani.

⁴⁶ Ngoba, kwakukade kuprofethiwe, kusukela e-Edene, ukuthi kuyofika uMsindisi. Umprofethi wathi Uyozalwa yintombi, nokuthi Uyobizwa kanjani ngo “Emanuweli.”

⁴⁷ Kanti futhi Wayengu “Mluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla.” Futhi yilokho abaMmangalela khona, ngokuzenza Yena uNkulunkulu. WayenguNkulunkulu, futhi Wayeyi “Nkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, noYise ongunaPhakade.”

⁴⁸ Akekho omunye uBaba kepha nguYe, ngokukhuluma ngokomoya. Unguyena kuphela uBaba, uBaba wethu sonke. Futhi siyathola, onke amakholwa, UnguBaba wabo, bonke abayokholwa yiZwi laKhe. Ngokuba, Wayehlukaniswe ngokuphelele nebandla, namasiko alo, nomama waKhe, nezwe, futhi wenza kuphela lokho okwakuthokozisa uBaba.

49 Manje, Wayengumuntu ohlukile kuAdamu. Akunandaba ukuthi noma ubani wayebuzani; kuYe, iZwi, kwakuyiZwi njalo kuqala. Futhi Wafakazisa ukuthi iZwi laliqinisele.

50 Ngenkathi uSathane ezama ukuLicakela Yena, wayesethi, “Kulotshiwe...”

51 Wathi, “Yebo, kanti futhi kulotshiwe...” Wamelana noSathane, phezu kweZwi; ngoba yilokho Ayeyikho, iZwi.

52 EBhayibhelini, uJohane 1, uJohane oNgewele isahluko 1, wathi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

53 Kuhlala njalo kungokuxhumene neZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe, isithembiso sikaNkulunkulu sosuku. Futhi uma sifika, siba ngesingejwayelekile kakhulu abantu kuze kube l’khuni ukuba basibambe ngqi, ngoba sesithungelwe kakhulu e—ezimweni nemiqondo yethu uqobo, ukuthi kul’khuni kithi ukukubamba ngqi okuyiQiniso.

54 Ngicabanga ukuthi okuningi kakhulu kwalokho kwakungabhekiselwa ku—kuJosefa, ngezinsuku zika—zika—ka...zikaMariya, ekubeletheni kwakhe. Wa, wayezoba ngumama. NoJosefa wayemthanda, futhi wa—wayefuna ukukholwa. Wayeyindoda enokulunga, indoda elungileyo, futhi wayefuna ukuyikholwa leyondaba uMariya ayemtshela yona, kodwa kwakuselokhu kunombuzo, ukuthi, “Manje, ungowesifazane olungileyo.” Akungabazeki uMariya wayechazile kuye ukuvakasha kukaGabriyeli kuye. Futhi wayeyindoda elungileyo, ozalweni lukaDavide.

55 Futhi nokho, yena, kwakubukeka sengathi wayezama ukwesulela ngaye, ukususa ihlazo lakhe. Ngoba, uma wayethembisene naye, nokutholakala ekulesisimo kwakufana nokuphinga (uDuteronomi usitshela kanjalo), futhi wayeyokhandwa ngamatshe ngenxa yesenzo. Futhi kwakubukeka sengathi wayesulela ngaye.

56 Nendoda, indoda elungile, indoda elungileyo, iBhayibheli lathi wayeyindoda elungileyo. Kodwa udaba lwakhe lwalungejwayelekile kakhulu ngangokuthi akakwazanga ukulubamba ngqi. Wayembuka emehlweni akhe athandekayo, nobuqotho nokwethembeka ayemtshela indaba yakhe ekubo. Futhi akungabazeki kodwa wayeya ekhaya lakhe, noma eshabhu lokubaza, athi, “A—angiboni nje ukuthi angangitshela kanjani iphutha, kodwa udaba alwejjwayelekile kakhulu.”

57 Ukuba kuphela wayehlale imiBhalo, ukuthi, “intombi izokhulelwa!” Niyabo, kwakungejwayelekile kakhulu kuye, ngoba kwakuphumile emgqeni wokucabanga kwakhe, kodwa wayesemBhalweni impela.

⁵⁸ Futhi kunjalo nanamhlanje, bazalwane, ukuthi amandla okuvuka kukaJesu Kristu neZwi laKhe elithenjisiwe lalelihora alejwayelekile kakhulu, indoda elungile ikhubeka kuLo. Alejwayelekile kakhulu. Bathi a—abafileyo wavuswa, izimpumputhe ziyabona, izithulu ziyezwa, uMoya oNgcwele wehlulela imicabango, usho izinto zingakenzeki ezofezeka, akukaze kwehluleke nakanye. O, a—abakwazi, abakwazi ukukubamba ngqi. Akwejwayelekile kakhulu, ngakho ba—bathi, “Awu, kungukufunda umcabango, noma Kungumoya omubi,” njengoba nje benza ngalolosuku. Ukungejwayeleki kweZwi likaNkulunkulu!

⁵⁹ Kodwa uma umuntu ezelwe ezweni, ukuba abe yi—yikholwa, uba ngumNazari uma ezahlukanisa nanoma yini ephambene neZwi. Ukwehlukana nya! UJesu wathi, “Ngiza ukuzokwehlukana indoda nomkayo, ngihlakaze umndeni. Nalowo ongayikuthatha isiphambano sakhe, futhi aNgilandele, akafanele ukubizwa ngowaMi.” Ukwahlukanisa, nayo yonke into, noma yini; nebandla, ne—nomphakathi, nokungakholwa; noma nomndeni, noma yini eyoma phambi kwakho nokukholwa lonke iZwi likaNkulunkulu. Uma umphefumulo wakho ungayikuzigcizelela zonke izithembiso zalelihora, ngo “amen,” kukhona okungalungile ndawondawo. Udinga ukwehlukana.

⁶⁰ Ngakho uJesu wayeyiZwi elenziwe inyama, futhi Wayehlukaniswe ngokuphelele nezoni, abangakholwayo, ngangokuthi iZwi qobo lwaLo lageleza ngokuphelele, futhi—futhi landizisisa ngaYe, ngangokuthi Wathi, “Angenzi lutho ngeze Ngibone uBaba ekwenza kuqala.” Babebuzwa, beMbuza ngezinto. Wathi, “Ngiqinisile Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kepha lokho Ebona uYise ekwenza.” Futhi, bhekisisani, yonke into Ayisho yayiphelele. Nje, Wayengadinge kubuza ngayo, acabange ngayo; yayiphelele. NeQiniso laKhe eliphelele njalo lalehlukana iQiniso nesiphosiso.

⁶¹ Ngisho njengoba ngizobuye ngicaphune futhi, futhi, umama waKhe wathi, “Uyihlo nami,” phambi kwalabobapristi ayesevele efakazile ukuthi kwakuyiNdodana ezalwa yintombi. Kodwa ngemizuzwana yosizi lwakhe. . .

⁶² Wayengakwenza kanjani umfana oneminyaka eyishumi nambili ubudala, futhi asinarekhode laKhe ngisho esesikoleni, babungakwenza kanjani ubuhlakani baKhe bube bukhulu kangaka ukuba aze aphikisane nabapristi, isikhulu, indoda efundile na? Futhi ngani, ngenkathi, wabiza ngokuthi loJosefa wayengubaba waKhe, ngokushesha iZwi likaNkulunkulu. . . Wehlukaniswa. WayeyiZwi, neZwi liqondisa isiphosiso, “Beningazi yini ukuthi Ngimele ngibe semsebenzini kaBaba waMi na? “Lowo kwakungesuye nje lowomfana omncane oneminyaka eyishumi nambili ubudala. Lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu likhuluma ngomlomo waKhe omncane wobuntwana, ukuqondisa isiphosiso; ehlukana, njengoba Enza

ekuqaleni, ubumnyama nokukhanya, amanga neQinso, ukufa nokuPhila.

⁶³ Ngukwehlukaniswa. Njalo iZwi lidinga ukwehlukana nya nokuphelele, kungakhathaleki. UJesu wathi, “Onke amazwi omuntu awabe ngamanga; awaMi abe yiqiniso.”

⁶⁴ Konke kusukela phansi eminyakeni, lento efanayo yenzekile. Ngukwehlukaniswa. Njalo Wehlukaniswa abantu baKhe nokungakholwa. Wakwenza ekuqaleni; Ukwenza ngokufanayo namhlanje. Ngamunye wabaprofethi wayehlukaniswa nokungakholwa. Bona, isizathu sokuba benze lokho, yingoba iZwi leNkosi leza kubo.

⁶⁵ Manje, ngikholwa ukuthi ebusukwini, ndawondawo, mhlampe kwakulapha ngeSonto noma izolo ebusuku, ukuthi ngangikhuluma ukuthi igama “umboni,” eTestamenteni eLidala, lalichaza ukuthini. Lalisho indoda, “umbhuli, indoda eyayisho izehlakalo zenkathi ezayo ezazizofezeka.” Bese kuthi—ke uma zifezeka impela, ngaphandle kokwehluleka, kufezeka impela lokho ekushilo, khona—ke uNkulunkulu wathi, “Niyilalele lendoda, noma niyizwe, niyesabe, ngokuba Nginayo.” Khona—ke yayinokuhumusha kobuNkulunkulu beZwi elilotshiwe, ngokuba lezo kwakuyizincwadi zayo eziyichazayo zenkomba, ukuthi yayingumprofethi kaNkulunkulu neZwi leza kuyo. Kunjalo.

⁶⁶ Manje, ukwehlukana. Kwehlukaniswa uSaya nebandla lezwe. Kwehlukaniswa uMose nebandla lezwe. Kwehlukaniswa i...konke okwabaprofethi abakhulu, iminyaka, nebandla lezwe. Ngoba babene...Kwehlukaniswa uJesu nabazalwane baKhe. Kwehlukaniswa abaphostoli nebandla elalingalolosuku, abaFarisi, abaSadusi, indoda enkulu, indoda engeweze, indoda elungile, indoda ekahle, indoda ethobile, indoda eyayinesithelo sikaMoya kakhulu kanjalo kunalokho uJesu ayekwenzile.

⁶⁷ Kodwa zaziyi izincwadi zaKhe ezazimchaza na? Ukuthi iZwi lalinaYe, iZwi elithenjiselwe lolosuku laliphila ngaYe. Wathi, “Yimuphi kini ongaNgilahla ngesono na? Yimuphi kini ongathi eNgikushilo akukenzeki na?” Ukuthi, ngokuba Wabonisa ukuthi WayengumNazari weNkosi ohlukaniselwe. WayeyiNkosi uqobo lwaKhe enyameni.

⁶⁸ UAbrahama, futhi, wayengumuntu ohlukene, nezwe, ngenkathi uNkulunkulu embiza uAbrahama eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala. “Zahlukanise nezihlobo zakho nakho konke ukungakholwa, bese uphumela eZweni ongakaze uhambe kulo ngaphambili, naphakathi kwabantu ongakaze ubazi ngaphambili. Phuma futhi uzahlukanise nanoma ubani oyophambana nalokho okukholwayo, ukuthi uzoba ngumNazari eNkosini.” Ngoba, wayebambe isithembiso sendodana. Wadingeka ehlukane noyise, nonina, nezihlobo zakhe.

69 Futhi yini eyamehlukanisa na? Hhayi ngoba wayeyindoda elungile, kodwa ngoba wakholwa ukuthi uNkulunkulu wayenamandla okugcina isithembiso Ayemnike sona.

70 Futhi ngenkathi eseneminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva, nengane yayingakaze ifike; uSara enamashumi ayisishiyagalolunye, yena enekhulu. Futhi ngenkathi iNgelosi yeNkosi invakashela; uJesu abhekisela kuyo, ukuthi iyofika futhi ngezinsuku zokugcina. UNkulunkulu, esimweni somuntu, yahlala phansi phambi kwakhe futhi yaxoxa. Futhi uSara, esecishe impela abe neminyaka eyikhulu ubudala, etendeni emva kwaKhe, wahleka ngoba iNgelosi yathi, “Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sesithembiso.”

71 Wayesethi, “Mina sengimdala, futhi ngizoba nenjabulo futhi nenkosi yami, lokhu isindala na?”

72 NaleNdoda, okwakunguNkulunkulu enyameni, yathi, “Uhlekeleni uSara, etendeni na?” Manje, wagijima waphuma futhi wazama ukukuphika. Kodwa Yathi, “Yebo, kodwa uhlekile,” ngenxa yokuthi wayengakholwa ukuthi kwakungaba ngokuqiniseleyo.

73 Manje, qaphelani, uJesu wathi iyofika futhi. “Njengokuba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Futhi uMoya kaNkulunkulu uyofika phezu kwefayo, inyama yomuntu. LeyoNdoda idla inyama yethole, iphuza ubisi oluphuma enkomazini, futhi idla ibhotela nesinkwa, isenyameni yomuntu; noAbrahama wathi YayinguElohim, uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni. UJesu wethembisa ukuthi uNkulunkulu, ngaphambi kokufika kwaKhe, uyobonakaliswa enyameni yomuntu futhi. Lowo nguMoya oNgwele (munye kuphela uNkulunkulu) ezibonakalisa Yena uqobo, ehlukanisa, futhi, uLoti noAbrahama.

74 ULoti wayefuna izwe. UNkulunkulu u sep... wahlakaza izwe lakhe, noAbrahama wehlukanisa uAbrahama noLoti. ULoti, engumfanekiso, futhi, wekholwa lenyama owayengacabangi ukuthi lezizinto zaziqiqiniso, waqhubeka nje wehlela eSodoma. Futhi wa-wayengenaso ngempela isibindi sokuma qequelele, njengoba besingakubiza, futhi abize lokho okwakuyiqiniso ngokuthi “kuyiqiniso,” nokuyiphutha ngokuthi “kuyiphutha,” ngakho wehla.

75 Onke lamakholwa, njengoba besingaqhubeka amahora, onke lawa ayeyisigejane soshintshi ephaketheni lakho, ezandleni zikaNkulunkulu. Uzohosha inqwathshana yoshintshi. Kunezindibilishi, ozuka, osheleni, otwenti fayifi sente, ohhafu bamadola, idola, konke kuwuhlweza. Manje, liyilokho-ke izwe, esandleni sikaNkulunkulu. Kunabanye abantu abangaba nje nokubiza indibilishi, futhi uNkulunkulu angabasebenzisa ngendlela yendibilishi. Yilokho kuphela abangakuthenga.

Ungabenqabi. Uma bengenakulikholwa iQiniso langempela, ungabali, ungabakhahleli baphume futhi uthi abekho kuLo, ngoba uNkulunkulu uyazisebenzisa izindibilishi ngesinye isikhathi.

⁷⁶ ULoti wayeyindibilishi nje, uAbrahama wayeyidola lesiliva, ngakho kuthathe oLoti abayikhulu ukwenza uAbrahama. Futhi kanjalo kuzothatha...Amakholwa ayikhulu enyama awasoze ama ebukhoni bomKristu wangokoqobo ohlukene nezinto zenyama zezwe, ephila kuKristu Jesu, lapho iZwi lingageleza ngaye.

⁷⁷ Angathatha kuphela elibiza indibilishi; yilokho kuphela elinakho. Ngakho ubona abantu abathi, “Angikholelwa ekuphilisweni. Angikholelwa kulezizinto,” yazi nje ukuthi yindibilishi, kodwa nje myeke kanjalo. Niyabo? Abiza indibilishi nje, futhi ngakho yilokho kuphela angakuthenga. Ungamyekisi; myeke kanjalo nje. Khumbulani, yilokho kuphela angahamba afinyelele kukho.

UJosefa, wehlukani swa nabafowabo.

⁷⁸ Ya, beningakuqondile lokho impela ngaleyondlela engikusho ngayo, niyabo. Ngiquonde ukuthi, uma kungukuthi nje, “Awu, ngisonta kuleli, futhi yilokho esikukholwayo.” Yindibilishi nje, qhubeka, niyabo; indibilishi nje.

Uthi, “Awu, iNkosi ikubusise, mfowethu.”

⁷⁹ Niyabo, uyikhopha; angeke aze abe yisiliva. Yilokho-ke, kuyeke nje kuqhubeka. UNkulunkulu angamsebenzisa. O, Uyayisebenzisa. Ngingaqoka ukumbona esezansi lapho ebandleni kunokumbona esebhareneni emi lapho ekhoni. Ungethande na? Impela. Ngakho iyeke kanjalo nje. UNkulunkulu angayisebenzisa, empeleni; mhlawumbe hhayi kakhulu kangako, kodwa Uyosebenzisa lokho Angakusebenzisa, uma nje beyoMvumela akusebenzise.

⁸⁰ Ngakho lolo wuhlobo lwendlela enobuluhlaza ukuzwakalisa noma yini, kodwa ngi. . .Awu, ngiyethemba niyalithola iQiniso engikusho ngalo, ukuthi ku-kusho ukuthini. Niyabo?

⁸¹ Angekholelwe ekuboneni okufihlakele namandla kaNkulunkulu athenjiselwe lolusuku.

⁸² LabobaFarisi abakwazanga ukukwenza, nabo. Abakwazanga ukubona uJesu enguNkulunkulu. O, qhabo. “Wena uzenza uNkulunkulu; umuntu?”

⁸³ Ngoluny’usuku Wayemi lapho, emva kokuba Wayephindaphinde ofu bezinkwa, kanjalonjalo, enzela bona, Wayesethi, “Uma ningadli i-isinkwa somzimba weNdodana yomuntu, futhi niphuze iGazi laYo, akukho kuPhila kini.”

⁸⁴ O, sengiyabona, ibandla laKhe, basuka kuYe bahamba. “LeNdoda isibheke ukuba sibe yizimuzimu, sidle inyama yomuny’umuntu na? O, lolo wuhlanya!” Odokotela nodokotela

bezokwelapha, kanjalonjalo, bathi, “Indoda isangene ikhanda. Yilokho kuphela okukhona. Umpristi uqinisele. Leyondoda iyahlanya. Isinike umzimba wayo ukuba siwudle na?”

⁸⁵ Yilokho kuphela Akusho, niyabo, kodwa umqondo wokomoya, mhlawumbe babengenakuLiqonda. Labobafundi, babengazi ukuthi nje ngempela Lalichaza ukuthini, kodwa baLikholwa noma kunjalo. Ngoba, Lavelaphi na? Livela kuLowo ababemazi ngokuthi uyiNdodana kaNkulunkulu.

⁸⁶ Ngingahle ngingakwazi ukukuqonda konke lokho okuphakathi lapha, kodwa ngiyaLikholwa. LiyiZwi likaNkulunkulu. Ngifuna ukuzehlukana nanoma yini ephambene naLo. Ngizamile ukuma kanjalo.

⁸⁷ Qaphelani eliny’iqembu, amashumi ayisikhombisa, Awabiza. Ngoluny’usuku Wayemi, ekhuluma nabo, Wayesethi, “INDodana yomuntu iyokwenyukela eZulwini lapho Evela khona.”

⁸⁸ Bathi, “LeNdoda? Isithathe yasiyisa endaweni eyazalelwa kuyo. Siyamazi unina, uMariya. Ngani, siyabazi abafowabo. Sazi konke. Futhi manje-ke leNdoda izothatha... INDodana yomuntu iyeza, yenyukela eZulwini lapho Evela khona na? Ivela eBetlehema. Yakwenza kanjani lokho na?” Niyabo, Wakusho ngaleyondlela, niyabo, futhi ababebesahamba naYe. Basuka bahamba. Bathi, “A, leNdoda, siyazi kukhona okungalungile ngaYo.”

⁸⁹ Labobafundi bahlala khona lapho. Niyabo? Bakholwa. Babelibonile iZwi elalithenjiselwe lolosuku, liqinisekiswa futhi libonakaliswa nguYe. Ubani owayengadala, ngaphandle kukaNkulunkulu uqobo lwaKhe, owayengathatha isinkwa ne... Bazi ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Noma ngabe laliympicabadala noma qha, ukuthi noma ngabe baLiqonda noma qha, bahamba baqhubeka ngqo, noma kanjani, ngoba iZwi laqinisekiswa, futhi behlukaniswa nanoma yini ephambene naLo.

⁹⁰ Nkulunkulu sisize ukuba sibe nokukholwa okunjalo! Siyalikholwa leliBhayibheli ukuthi liyiQiniso. Ngingahle ngingabi nakho ukukholwa okwenele ukwenza zonke izithembiso zifezeke, kodwa ngiyaLikholwa, noma kanjani. Ngiyalikholwa ihora esiliphilayo.

⁹¹ UJosefa, wehlukana nabafowabo, ngaphandle kwesizathu. Manje, kwakuyini indaba ngabo na? Wayengathandi ukwehlukana; kwakungesiyo intando yakhe ukwehlukana. Kodwa bazehlukanisa naye, niyabo, kwelakhe eligqamile, idola elikhanyayo; ukulingana kwabo nendibilishi kwakungenakumela. Babazi ukuthi babengokhokho. Babazi ukuthi uIsaka wayengokwabo...noma, ngiyaxolisa, uJakobe wayenguyise wabo. Futhi babekwazi lokho ukuthi kuyiqiniso. Kodwa uJosefa wazalwa... Akukho ayengakwenza.

Wayengowomoya. Wabona imibono, wayekwazi ukuhumusha amaphupho, futhi ayeqinise ngokupheleleyo. Noma yini ayisho, yayiyiqiniso. Nabafowabo abangokhokho, baba-nomhawu, futhi bamthengisa kwabaseGibhithe. Niyabo, ba—bazehlukana naye ngoba babeyizindibilishi. Yena wayewuhlobo lokuqina olwehlukile.

⁹² Linjalo nekholwa langempela namhlanje, lingolohlobo olwehlukile. Bayozehlukanisa, (abaLiqondi), ikhophha esiliveni.

⁹³ Manje siyathola, baba-nomhawu futhi bathengisa ngaye. Ngani na? Benza into efanayo namhlanje. Okwakuyikho ngempela, bathi babe...Kwakungokomona. Babengafuni ukwehla, ngenxa yokuthi uhlobo lokuqina kubo babengesilo uhlobo lokuqina olwalukuye. Futhi, ngenxa yakho, babenomona, ngoba babeyizindibilishi futhi yena wayeyidola. Niyabo?

⁹⁴ Manje, uma indibilishi ibingathi, “Alibusiswe iGama leNkosi! Mfowethu, dola lapha, uyabo, angikwazi ukwenza ushintshi awenzayo, kodwa ngizokwenza engingakwenza.” Lokho kuyilokho, besingahambisana—ke. UNkulunkulu ubeyolwedlulisa uhlelo lwaKhe.

⁹⁵ Njengoba ngashumayela kini, ngeSonto, ukuvumelana okukhulu kwamaphimbo ekuhlabeleleni kweZwi likaNkulunkulu liculiswa. Ukushintsha nemigamanxo nguNkulunkulu kuphela eshintsha izikhathi, njengom—mbhidi ekuvumelaneni kwamaphimbo ekuhlabeleleni. Uma sibona lokhu ukushintsha kweminyaka nokushintsha kwezikhathi, bukani phansi eShidini *lapha*, futhi nizothola sifanele ukuba lapha. Bazofanele bakwenze lokhu; ayikho indlela kubo yokuba bakubalekele.

⁹⁶ Nomnyuziki, kumuntu ongakuqondi ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni, kuyini na? Yisixheke somsindo okhehlelayo. Akawuqondi. Akanasasasa ngisho. Uyafisa, “Ngifisa sengathi bebengathula, ukuze ngikwazi ukuya ekhaya.” Akanasasasa, ngoba akakwazi ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni. Akakwazi.

⁹⁷ Kodwa umQambi wazi ukuphela kusukela ekuqaleni. Niyabo? Futhi uma umbhidi engekho eMoyeni ofanayo womQambi, angekudlale, ngoba konke kwenziwa ngamasayini. Futhi uma isayini ingaLiqinisekisi, abashayi bezinsimbi bazoLidlala kanjani na? Amen! Yilokho—ke.

⁹⁸ Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakali, ubani ongakwazi—ngakwazi, ubani ozokwazi ukuthi ilungiselelwa kanjani impi, ukuhlehlela emuva, noma ukwenzani na?

⁹⁹ Bukani iZwi futhi nibone ukuthi siphila kuphi, khona—ke ningazibona izindibilishi, abakwenzayo. Kodwa ningababona labo abakhazimulayo, bebhekisile, nowazi iZwi, nobhekisise

lezizibonakaliso ukuba zenzeke. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Nakho-ke.

¹⁰⁰ Njengowesifazane omncane emthonjeni, ngenkathi Ethi, “Hamba ulande indoda yakho,” wathi, “Anginayo.” Wathi, “Kunjalo. Ubunayisihlanu.”

¹⁰¹ Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi wena. Kade singenabo amakhulu eminyaka. Kodwa siyazi ukuthi uMesiya uyeza, futhi Uzoba ngumprofethi. Yilokho Azokwenza.”

Wathi, “NginguYe.”

¹⁰² O, ukushaya kokuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni kwahamba kahle impela nje, kusukela ekushayeni kweliphansi kuya kweliphakeme. Wagijimela emzini, wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshela izinto engizenzile. Kungebe nguye lona impela uMesiya ebesimbhekile na?” Impela.

¹⁰³ Niyabo, waqonda ukuthi ishidi loMnyuziki lalisekuvumelaneni kwamaphimbo ekuhlabeleleni, elehlukanisa ukukholwa nokungakholwa. Ukukholwa kuphela kunga... Akuveli ngebandla; ukukholwa kuvela ngokuzwa iZwi likaNkulunkulu, wazi ukuthi Liyini. Manje sithola into efanayo namhlanje.

¹⁰⁴ Abantu abaningi babuka iziphiwo. (Sengivala manje, eminye imizuzu emihlanu.) Abantu babuka iziphiwo, futhi bayacabanga, “O, into enkulu kanje pho,” futhi bazama ukuzifanisa nomunye umuntu ngeziphiwo. Ungeke wakwenza lokho. Uvele nje... Ungeke wenza i-i-indibilishi ibe yidola, ungeke wayenza ibe usheleni, uyabo, ungeke wayenza uzuka. Yindibilishi. Kodwa uma nje uzozithatha wena uqobo njengendibilishi, bese uhamba kanye nawo wonke omunye ushintshi, uyabo, uNkulunkulu angakusebenzisa. Singahle singakwazi ukwenza konke. Kwakungekho wonke umuntu...

¹⁰⁵ Ngenkathi uNkulunkulu ebiza uIsrayeli aphume eGibhithe, bonke abanye babo babengadingi ukuba benze into efanayo eyenziwa nguMose, kodwa bakukholwa. Kunjalo. Bamkholwa uMose, ngoba babazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sehora, nokuthi uNkulunkulu wayefakazisile ukuthi wayeneZwi laKhe.

Bathi, “UFaro unemikhonto.”

Wathi, “Kodwa uMose uneZwi laKhe.”

¹⁰⁶ Yilokho-ke. OFaro ngahle ukuba babenebutho, kodwa uMose wayeneZwi ngoba wayengumprofethi kaNkulunkulu. NeZwi liza kuye, futhi wayekade eqinisekisiwe ukuthi LaliyiQiniso. KwakunguNkulunkulu ophilayo Owayekwazi ukuthatha uthuli futhi aluphose phezulu bese enza kufike izibawu. Umuntu angeke akwenza lokho. Njengomuntu owama lapho, wayesethi, “Kusasa cishe ngalesisikhathi kuzoba nokunje-kanje,” futhi kwakuyikho. Niyabo? Babazi ukuthi uMose wayeneZwi likaNkulunkulu. Akunandaba

ukuthi mingaki imikhonto nemigodi engamatilongo eziboshwa ayenayo, nokuthi kwenziwe izitini ezingaki; uMose wayeneZwi, ngakho baqala ukuyongena ehlane.

¹⁰⁷ Kwakunendoda, uDathani, wathi, “UMose uzethwesa kakhulu. Sonke singabantu abangcwele, ngakho sonke sifanele sikwazi ukwenza lokho uMose akwenza.”

NoMose wathi, “Nkulunkulu, uthini-ke ngalokhu na?”

¹⁰⁸ Wathi, “Zahlukanise. Suka kubo.” Wayesevula umhlaba, futhi wagwinya uDathani neqembu lakhe.

¹⁰⁹ Wehlukana ukuKhanya nobumnyama, ngokuqinisekisa iZwi laKhe. UnguNkulunkulu ofanayo namhlanje.

¹¹⁰ Sengivala. Benginitshela, izolo ebusuku, ngenkathi ngiqala ukufika lapha. Lokhu akuqondene nomuntu siqu sakhe. Uma ucabanga lokho, khona-ke siza yehlisa amakhethini nje enhliziyweni yakho. Ngisho lokho kubantu okholwayo.

¹¹¹ Kukhulunyiwe futhi kwasho impela nezinto eziyokwenzeka, kusukela phansi onyakeni, futhi nonke ningofakazi balokho, njengoba nizibonele ngokwenu izolo ebusuku, ekuboneni okufihlakele, kwehle njalo. Nokuthi bayobakhona kanjani abazifanisa nabany’abantu, bezifanisa nabanye abantu, nayo yonke into yenzeke.

¹¹² Kodwa, into yokugcina, kwakuzoba yinto enkulu eyenzekayo. Kade siyibhekisisa iminyaka. Futhi sonke siyazi ngenkathi kwenzeka kuqala, ngenkathi okudaliweyo kubakhona, okwesithathu. Bese kuthi-ke kube ngokwesine. Izolo ebusuku nginitshela okwesihlanu kwenzeka.

¹¹³ Futhi kulindele loMkhandlu wamaBandla, uma usuhlangana, namaProtestane. Uma ngikhuluma ngeSonto ekuseni, yilokho engikufunayo . . . Ngiquonde uMgqibelo ekuseni, yilokho engifuna ukukhuluma ngakho, niyabo, manje. Bese kuthi-ke uma lona usuhlangana ndawonye, khona-ke uMoya kaNkulunkulu njalo uphakamisa ibhanela ukubhekana nabo. Niyabo?

Kunendoda ehlezi lapha, kulobubusuku, engufakazi walokhu.

¹¹⁴ NgangiseColorado, kungekudala, ngalekwindla edlule. Ngenyukela lapho ezinkambweni zokuyozingela. Futhi, ngokwejwayelekile, ngiphezulu lapho osukwini lokugubha usuku lomshado wami. Ngenkathi unkosikazi nami sishada, nga-ngangilondolozwe ozuka bami nezinto, nasemsebenzini wami futhi ngangiyifake ekanini lakabhekeni phawuda. Futhi ngangingenayo eyenele ukuthatha iholide labasanda kushada, futhi ngiyozingela; ngakho ngavele ngakuhlanganisa thaqa ndawonye, ngase ngimthatha siya ohambweni lokuyozingela, ngenzela iholide labasanda kushada. Ngakho kusukela

ngaleyonkathi, ngibe, emahlonini ami, angikaze ngibe sekhaya naye ekugubheni usuku lwethu lomshado. NgangiseColorado.

115 Izolo ebusuku ngibone abefundisi ababili noma abathathu ubelapha, owayenami phezulu lapho ekhempini, lapho engangifanele ngehle khona ngivela eAlaska futhi ngihlangane nabo, ngizingela. Kwakungabafana bakaMartin. Bebelapha izolo ebusuku. Ngi...Balapha, emuva khona lapho. Kwase kuthi-ke lowo omunye umfo omcane, ngiyalikhohlwa igama lakhe, ehlezi...Ubukhona, nawe, ndodana na? Kunjalo. Futhi mhlawumbe uMfowethu Palmer ukhona na? Ngi...Futhi sasiphezulu ezintabeni. Futhi ngingumphelekezele eColorado, ngizingele iminyaka lapho.

116 Futhi ngaso sonke isikhathi umgubho wethu wosuku lomshado, zingamashumi amabili-nantathu kuOktoba, kufika...Kunendawo encane lapho engimyise khona unkosikazi osukwini lwethu lwabasanda kushada, phezulu eZintabeni zaseAdirondack, nalendawo ibukeka njengayo nje, kuphela leyo yayi...Lokhu yizinyoka ezivevezalayo ama-aspi phezulu lapha, ihlozi eliyihlanze elincane, naphezulu lapho kwakuyizihlahla eziyizinswazi. Ngase ngihamba ngiphumela lapho, zingamashumi amabili-nantathu, ngesinye isikhathi usuku lonke, ngikhumule isigqoko sami bese ngibonga iNkosi nomuhle, umfazi othembekile obethembikile futhi waba nomusa kimi yonke leminyaka, futhi ungisizile, njengoba ngizohamba ngiyoshumayela iVangeli.

117 Futhi bekomise kabi kabi eColorado kulonyaka, njengoba bekunjalo ezweni lonke. Futhi khona manjalo kwakukhona... Ngicabanga ukuthi kwakunamakhulu amabili endoda phambi kwethu, noma indoda eyikhulu, ngiyaxolisa, cishe indoda eyikhulu ngaphambi kwethu, phezulu ngaphezu kwamakhempu. Futhi ayekade edubula phezulu lapho, izinsuku ezine noma ezinhlanu. Futhi ngangikade ngidubule inyamazane idiye, le engangikade ngiyizingela iminyaka. Futhi, kodwa ngi...kwehla inkungu, futhi angitholanga ukuyibona; ngangingakwazi ukuyithola. Futhi ngangikade ngiyizingela ngalolosuku.

118 Futhi ngosuku olulandelayo, ifoni noma i...kungena emsakazweni, "kuza isiphepho esineqhwa, singathulula amafidi angamashumi amabili-nanhlanu eqhwa kulezizintaba ngobusuku obubodwa."

119 Futhi ngakho ngathi kubazalwane. Ngababiza bangena. Abafana bakaMartin wayelapho nabo. Ngathi, "Bazalwane, niyezwa ukuthi izindaba zitheni. Manje, uma nifuna ukuphuma, kungcono niphume khona manje, ngoba kuzoba leyithi kakhulu. Ningahle nihlale lapha iviki. Futhi ngifanele ngihambe, ngoba ngoMsombuluko olandelayo nginomhlangano, osomabhezini abangamaKristu; oSomaBhezini beFull Gospel emkhandlwini

wezikhulu zesonto eTucson. Nokho, zikhetheleni. Uma nifuna ukuhlala, ngingumphelekezeli wenu, ngizohlala lapha nani.”

Bonke bavota, “Sizohlala. Sizohlala.”

¹²⁰ Abafana bakaMartin, benetrakhi enejubane elincane, noma itrakhi enejubane elikhulu, njalo, bonke ba... Sasinezinyamazane amadiye ezithi azibe mbili ngaphezulu lapho, sizipha abafana bakaMartin nabo, base bephuma; ngoba babengenakaphuma lapho, yilokho kuphela. Ngakho, bona, bahlezi lapha njengofakazi kulobubusuku.

¹²¹ Kwase kuthi—ke ngosuku olulandelayo, ngacabanga... Awu, alikhithikanga ngalolosuku, usuku abaphuma ngalo. Ngathi, “Ngizoshayela unkosikazi bese ngimtshela ukuthi ngiyabonga ngokuthi abe yinkosikazi enhle, nakho konke. Ngumgubho wakhe wosuku lomshado. Bese kuthi—ke kusasa ngizokwenyukela endaweni, uma senyukela lapho, ngenxa yeqhwa.”

¹²² Futhi ngakho nga—ngangena, futhi angikwazanga ukumshayela. Ngiyabuya. Futhi wonke umuntu edolobheni elungiselela, nesiphepho esikhulu esineqhwa sasiza, nephepha lathi “singathulula amafidi angamashumi amabili eqhwa eColorado,” ngalobo busuku.

¹²³ UMfowethu Tom Simpson uhlezi ukhona lapha ndawondawo kulobubusuku, noma ufanele. WayeseCanada futhi wayesendleleni ebheke ezansi, futhi bedlula. Bathi, “Yedlule iColorado! Isiphepho esikhulu esineqhwa!” Ukhona, Mfowethu Simpson? Ukuphi? Yebo, ehlezi emuva ngemuva lapha. Futhi bamtshela, “Yedlule iColorado. Isiphepho esikhulu esineqhwa esizayo.”

¹²⁴ Ngakho nga—ngatshela udade, no—nonkosikazi wenye indoda, kaMfowethu Evans. Angicabangi ukuthi uMfowethu Evans ukhona kulobubusuku, ngaphandle uma esanda kungena. Ukhona, Mfowethu Evans? Futhi angicabangi ukuthi usefikile lapha okwamanje. Uzoba lapha engqungqutheleni, nokho. Ngakho ngashayela unkosikazi wakhe, ngase ngithi, “Angikwazanga ukuthola umkami, uphumile uye esitolo.” Ngase ngithi, “Umtshela atshela uMfowethu Tony Stromei,” owayengumongameli womkhandlu wezikhulu zesonto, “uma ngingekho lapho ngeSonto, athole esinye isikhulumi silungele, ngoba ngingahle ngingakwazi ukuphuma lapha nhlobo. Nginalamadoda.”

¹²⁵ Manje—ke kwenzekeni na? i...Ngalobo busuku alikhithikanga. Ngokusa okulandelayo, amafu laliphansi ngempela futhi ethukuthele. Ngathi, “Manje, bazalwane, ngike ngelusela izinkomo phakathi lapha, iminyaka, futhi ngaphelekezela. Ithonsi lokuqala elincane lemvula, buyelani ekhempini ngokukhulu ukushesha eningakwenza, ngoba phakathi kwemizuzu eyishumi nanhlanu ngibone

isikhathi obungeke wabona isandla sakho phambi kwakho, izinsuku ezimbili noma ezintathu, ngesikhathi, isiphapho esineqhwa esisontekayo.” Esingamafidi ayizinkulungwane eziyisishiyagalolunye khona lapha. Ngase ngithi, “Nina, nizoba sesiphaphweni esineqhwa nje, futhi nizolahleka, futhi nizofela lapha ezintabeni. Manje sizophuma...” Ngabeka indoda ngayinye, ngase ngenyukela ngale esiqongweni. Ngase ngithi, “Manje, uma nginga... Ningangilindi ukuba ngingene. Sheshani nje ngokukhulu ukushesha lapho siqala; ichashazi lokuqala elincane lemvula, jahani ngokushesha niye ekhempini, futhi ngoba anizukukwazi ukuthola indlela yenu yokubuya.” Bathi babezokwenza.

¹²⁶ Ngakhwela ngaya phezulu. Amankentshane amakoyote empompoloza ndawo zonke, futhi ngangazi ukuthi isimo sezulu sasizoshintsha. Manje-ke, khona manjalo, okukhulu ukuqhuma komoya kuyafika, nemvula eneqhwa iqala ukuna. Ngase ngithi, “Ngiqagele wonke umuntu uqonde emuva.”

¹²⁷ Awu, ngama futhi ngaqalaza. Ngacabanga, “Ngifisa sengathi bengingayithola leyonyamazane idiye ngingakayi emuva, ngoba iqhwa lizoyimboza, futhi angeke zisatholakala kuze kube yintwasahlobo.” Ngakho ngacabanga, ngayizingela kanzima leyonyamazane idiye, futhi kwakuyinyamazane idiye yokuqala engake ngayidedela yedlula kanjalo, selokhu ngaba nalesisibhamu esincane, somhlambi wezinyamazane ezingamashumi amahlanu-nanhlanu ngaso.” Ngase ngicabanga, “Awu, manje, ngi-ngiyakuzonda nje ukuyibona ibaleka kanjalo.”

¹²⁸ Futhi ngomzuzwana nje, amakhulukazi amathonsi eqhwa, ayebukeka njengamakota, nje ena ndawo zonke, nomoya waqala ukuvunguza, futhi kwakul’khuni ukuba ngibone ukuthi ngingehla kanjani esiqongweni salesisiqongo. Futhi ngangazi ukuhlala kulolunqema. Futhi uma ngangehlile futhi ngatheleka emhosheni, ngangiyokwehla njalo ngomhoshana ngize ngiyotheleka onqenqemeni olusekugcineni oluncane, manje-ke ngangiyiphumputha indlela yami ngenyuka ngaze ngafika lapho itende lalikhona. Yileyondlela kuphela owawungaphuma ngayo. Ngakho ngacabanga, “Uma ngike ngaze nganyakaza ngaya ngapha noma ngale, yilokho kuphela, awusoze watholakala, ngakho uzofela khona phakathi lapho.”

¹²⁹ Ngakho ngaqala ukubuyela emuva ngehla entabeni, futhi ngehla cishe, o, ngiqagele, amayadi angamakhulu amathathu, noma amakhulu amane, ukusuka lapho engangikhona.

¹³⁰ Manje, lokhu kuzwakala kuxakile. Kodwa ngineBhayibheli lilele lapha phambi kwami, uBaba waseZulwini engifakazela. Ngicishe impela ngigijime, ngizama ukusuka, umoya wawuvunguza kanzima kakhulu phezulu lapho, futhi ngangikwazi ukubona cishe amafidi angamashumi amabili

phambi kwami, emahlashaneni engangukuwo, umuthi wamapulungwe, nomoya uvunguza futhi usonta. NePhimbo lathi, “Yima! Buyela lapho ovela khona.”

¹³¹ Awu, ngama. Ngacabanga, “Mhlawumbe lowo bekungumsindo nje walowomoya. Ngangingacabangi ngalutho olunjalo.” Ngase ngilinda umzuzwana nje.

¹³² Futhi omunye wabafana wayengilungiselele isemishi, ngase ngilikhapha, futhi kwakuyisemishi ngempela; futhi mina, lina futhi ngijuluka, kwakuyisigaxa nje esikhulu se—sesinkwa sinenyama phakathi, ndawondawo. Awu, nga—ngangithe ukulamba, ngakho ngalidla, empeleni. Futhi ngangimi lapho. Ngase ngimbela isiqephu esincane sephepha; ngakho, isilwane sizozibona lezozinto, futhi, noma yini eyimpucuko, ziyabaleka futhi zisuke.

¹³³ Ngakho ngama lapho kancanyana, ngase ngicabanga, “Awu, ngizoqhubeka nje.”

¹³⁴ Ngaqala ukuqhubeka. Futhi ngokucace njengoba nizwa iphimbo lami, Into ethize yathi, “Jika ubuyele emuva lapho ovela khona.”

¹³⁵ “Lokho bekungaba kanjani nguNkulunkulu engitshela ukuba ngiyongena kulowonoxhaka wokufa na?” Ngama lapho umzuzu, ngase ngicabanga, “Lowo Nguye ofanayo owasho ngalezozingweje.”

¹³⁶ Ofanayo enginitshela ngaye izolo ebusuku, ngomkami; iphimbo nje, iphimbo lomuntu nje. Ofanayo owangitshela, ngisengumfana omncane, “ungalokothi uphuze noma ubheme,” nalezizinto ziyakuba sezinsukwini zokugcina. UNkulunkulu, futhi mina ngisho lokhu neBhayibheli liphezu kwenhliziyo yami, bekungangisiza ngani ukunitshela into eyiphutha futhi ngazi ukuthi ngithumela umphefumulo wami esihogweni na? Niyabo? Kuqinisile. Kungokungejwayelekile, kodwa kuqinisile.

¹³⁷ “Awu,” ngacabanga, “Ngazi ngokwenele ukuba ngithobebe leloPhimbo. Kungani ngi... Unesizathu esithize ngami ukuba ngenyukele lapho. Mhlawumbe sekuyisikhathi sami sokuba ngihambe.”

¹³⁸ Ngakho ngajika, futhi ngenza indlela yami ngidabula ehlane ngaze ngakhuphukela kulolokhalo futhi, phezulu le, mhlawumbe amayadi angamakhulu amathathu, amakhulu amane ngaphezulu, ngiqonde ngqo phezulu entabeni, kanjalo futhi. Futhi kwakulugginsi kakhulu phezulu lapho ngaleyonkathi, ngangingaboni lutho; umoya, nezihlahla zilele ngaphezulu nje futhi usonta.

¹³⁹ Ngase ngithatha isibhamu sami, ngangigqoke iyembe elibomvu nekepisi elibomvu, ngase ngibeka isibhamu, ngenzela ukuba singashunqi intuthu i—isibuko esandisayo kuso, ngoba ibere nezinto kungena kulolohlobo lwezikhathi, lenze njalo

nebhubesi; futhi uma ngigijimela kwenye, isibuko esandisayo sonke sibe nentuthu. Futhi nje ngasibamba ngasiphakamisa kanje, singabhekani nami, lapho esasizoba khona nentuthu, kodwa ngisivimbele enkungwini, nokumata eqhweni. Ngase ngihlala phansi phansi kwesihlahla.

¹⁴⁰ Ngangihlezi lapho. Ngacabanga, “Awu, kungani Afune ngenyukele lapha na? Ngi—ngingabaza kakhulu impela ukuthi ngingayithola indlela yami yokwehla manje, i...kuba namandla asabekayo kakhulu.” Ngangikwazi ukubona cishe amafidi ayishumi noma ayishimi nanhlanu, mhlawumbe, futhi kal’khuni kude kangako, ngezinye izikhathi kungekho ngaphezu kwamafidi amahlanu, futhi kuya ngokuba nesankahlu ngaso sonke isikhathi. Awu, nga—ngacabanga, “Awu, Wathi buya. Engikwaziyo kuphela ngukuhlala lapha.” Neqhwa ngaleyonkathi cishe iyintshi, noma iyintshi nohhafu, mhlawumbe amayintshi amabili, emhlabathini. Kwakukade kube yimizuzu engamashumi amabili noma amashumi amathathu. Futhi—futhi wawuvunguza kanzima kakhulu, wawuliphephula, futhi. Futhi ngahlala lapho nje umzuzwana nje.

¹⁴¹ Ngezwa iPhimbo. Wathi, “NginguNkulunkulu weZulu, Owadala amazulu nomhlaba.”

¹⁴² Ngahluthula isigqoko sami, ikepisi, ngase nje ngihlala ngithula. Ngase ngilalela futhi. Ngacabanga, “Lowo bekungesiwo umoya.” O, bekuvunguza, kubanga umsindo.

¹⁴³ Ngase ngiLizwa futhi. Lathi, “NgiyiLowo Owathulisa imimoya phezu kolwandle olunamandla. NgiyiLowo, uMdali. Ngadala izingwejeje ebukhoneni bakho. Ngenza lezizinto.”

Ngathi, “Yebo, Nkosi. NgiyaKukholwa.”

¹⁴⁴ Lathi, “Yima ngezinyawo zakho.” Ngasukuma, ngezinyawo zami. Yathi, “Manje khuluma esiphephweni. Sizokwenza ositshela ukuba sikwenze.”

¹⁴⁵ Manje, lelo yiqiniso. Mina, uma sengihlangana nani ekwaHlulelweni, ngiyodingeka ngiphendule ngakho konke lokhu. Ngacabanga ukuthi I. . .

¹⁴⁶ Ngathi, “Siphepho, yana endaweni yakho, yima. Futhi, langa, khanya ngokwejwalekile izinsuku ezine.”

¹⁴⁷ Futhi ngingakaqedi ukusho njalo, imvula eneqhwa nesichotho, okwase kuzongiphephula kungiwise, kwama nje. Futhi phakathi komzuzwana noma ombili, ilanga lase likhanya khona phansi ngqo, phezu kwami. Ngase ngibuka phansi ezintabeni, ngibona u. . . Umoya wasempumalanga uza. Umoya wawuvela ngasentshonalanga. Umoya wasempumalanga uza, futhi wawuza ngapha, futhi ngangikwazi ukubona amafu ngokuyimfihlakalo nje. . . Ukuthi saya ngaphi, angazi.

148 Ngase ngima lapho imizuzwana embalwa, izinyembezi ziqathakela phansi entshebeni yami, nazo zesimpunga. Ngacabanga, “Nkulunkulu, kanjani, angazi ukuthi ngizokwenzenjani.”

149 Ngacabanga, “Awu, ngangi...ngiqagele abazalwane ngikholwa ukuthi bonke sebebuyele etendeni. Nelanga likhanya ndawo zonke.”

150 Ngaqala ukuhamba ngehle entabeni. Neqhwa loma nkwe, nalelolanga elishisayo; isitimu siphuma eyembeni lami. Umzuzwana nje, noma emibili, umehluko. Ngase ngiqala ukuhamba ngehle intaba. Futhi ngenkathi ngenza, ngathi...

Ngezwa iPhimbo lithi, “Awhambi ngani naMi na?”

151 Ngathi, “Nkosi, inhlanhla enkulu ukwedlula zonke engake ngaba nayo!” Ngajika ngase ngiqala ukubuyela ngehle ngidabula emizileni emikhulu yezinyamazane amadiye, ezansi ngidabula lelohlati elingakaze ligawulwe.

152 Ngase ngicabanga, “Awu, ngizoqhubeka ngehle ngaleyondlela ngiye lapho engimethulela isigqo njalo uMeda, umkami.” Futhi ngangihamba ngapho amanye, cishe uhhafu wehora, amakota amathathu, kamuva. Iqhwa lonke laliphezulu futhi lingasekho.

153 Futhi ngiqala ukucabanga, “Angazi ukuthi kungani engazange asho lutho ngami ngihamba.” Ngathi, “Ngiyakhumbula ngenkathi kuqala ngimenyusela lapho futhi ngimphakamisa phezu kwalezozingodo, ngenkathi sishada.” Ngathi, “Manje usempunga.”

154 Ngahamba, “Mm!” Intshebe empunga ebusweni bami, ezimnyama nezimpunga sezixubene ndawonye. Ngacabanga, “Bill, awusenaso isikhathi esiningi. Usugugile.”

155 Ngase ngiqala ukuqhubeka. Ngase ngibheka phezulu, kwakubheka sengathi ngangingambona emi phambi kwami lapho, eneke izingalo zakhe, esalokhu enekhanda elimnyama.

156 Ngabhekisa ikhanda lami phansi. Ngangenyukela endaweni encane lapho kukhona izinyoka ama aspi ezivevezelayo, futhi kunokuncane okugobile e...Ngavele nje ngencika ngekhandu lami engatsheni, kanje. Futhi ngangimi lapho, ngikhala, futhi ngangizwa into ithi, “Mba, mba, mba.” Ngase ngibheka phansi; kwakungamanzi ephuma emehlweni ami, edlula entshebeni yami, eshaya kulawomaqabunga omile; lapho, cishe imizuzu engamashumi amathathu ngaphambili, kwakukhona iyintshi leqhwa, futhi likhithika.

157 Ngenkathi ngehla entabeni, izinsuku ezine kamuva; akukho nelilodwa elalingaba sesibhakabhakeni, izinsuku ezine kamuva. Ngiyangena, ngase ngithi endodeni yasesitshini sokugcwalisa upetroli, “Ngabe...kade kome ngempela?”

158 “Yebo.” Yathi, “Uyazi, into exake kunayo yonke, sasibikezelwe isiphepho ngoluny’usuku, futhi, uyazi, savele sama nje khona manjalo.”

159 Ngase-ke ngiqhubeka ngehlela olayinini waseMexico, ngibuyela eArizona. Ngase ngithi kuBilly, indodana yami, ngathi, “Asingene lapha bese sibona nje uma kwakungapha.”

160 Ngama phakathi lapho. Kwakusekuseni ngeSonto. Nginokunye... Ngase ngithenga upetroli. Nendoda yathi, “Awu, kade nizingela yini?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

“Nibenayo inhlanhla na?”

161 Ngathi, “Yebo, mnumzane, sibe nesikhathi esimnandi.” Ngathi, “Kubukeka kome ngempela.”

162 Yayisithi, “Yebo, kade kome kabi konke lapha.” Yathi, “Sethenjiswa iqhwa elikhulu ngoluny’usuku.” Yayisithi, “Uyazi, isiphepho esineqhwa empeleni siqalile, futhi ngandlela thize noma enye kwayeka.” O, he! O, he!

163 Ngangimi ngencike ngasecaleni lalesisihlahla. (Sengivala.) Ngimi ngakuloluhlangothi lwalesisihlahla, nezinyembezi ziqathaka emehlweni ami. Ngacabanga, “Nkulunkulu!”

164 Cabangani nje, uNkulunkulu ofanayo owathi, “Thulani, nithi du,” emagagasini, nemimoya yaMthobela, UsenguJesu ofanayo ukhona lapha emahlathini nathi. Useyilo iZwi. IZwi, yonke imvelo izofanele ihloniphe iZwi laKhe, ngokuba UnguMdali wemvelo.

Ngama lapho, nezinyembezi ziqathaka ezihlathini zami.

165 Futhi cishe iminyaka emihlanu manje, kade ngingekho ensimini, futhi nje ngiya emabandleni nanoma yikuphi engangingakwenza. Nonke niyakwazi lokho. Nenhliziyi yami kade ithwele. Ngangiphuma lapha, ngiye eArizona. Futhi Ingitshela izinto ukuba ngizenze, ngangihamba ngizenze, kodwa kubukeka sengathi invuselelo isiphelile. Futhi angikwazanga... angazi ukuthi kwakwenzekani. Enhliziyweni yami, ngangiphenduka. Ngithi, “Nkosi, uma ngenze noma yini, ngitshela; ngizoyilungisa.” Nje nginomthwalo ngaso sonke isikhathi, ukuzwa okwesabekayo nje, futhi angibanga nakho ukunqoba engangikufuna.

166 Izinto eziningi ezinkulu Eyayizenzile futhi yazibonisa, nina nonke eningofakazi, ngiza lapha futhi nginitshela ngakho, sibona amaphepha ekuqukethe, namaphephabhuku, kanjalonjalo, mayelana nezinto ezinkulu ezingaphezu kwemvelo eziboniwe futhi zenziwa.

167 Kodwa inhliziyi yami yayiselokhu isinda. Futhi ngangencike esihlahleni, njengalokhu. Futhi ngacabanga, “Nkulunkulu omkhulu weZulu. Lokho kufudumala kwelanga likhanya phezu

kwami, kungekho-fu ndawo, futhi emizuzwaneni edlule Uvele nje—Uvele nje waphikisana nezwi lomuntu. Imvelo yakwenza. Bekungenzeka kanjani, Nkosi na? UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. KwakuyiZwi laKhe Osanda kungizwa nje ngilikhuluma.” Ngacabanga, “Baba, ngibonga kakhulu!”

¹⁶⁸ Ngezwa into ihamba. . . [UMfowethu Branham uqhwebaza kabili epulpiti—Umhl.] Ngase ngibheka; okumi phambi kwami ngqo kwakungezimbili, izinyamazane ezintathu amadiye, futhi zazingibuka. Manje, lezozinyamazane amadiye zazikade zidutshuliwe, kakhulu, ngeviki eledlule, futhi kwakunabazingeli phakathi lapho. Futhi lapha ngangigqoke ezibomvu; noma ubani uyazi [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe] ukuthi zisuke zihambe ngalokho kushesha. Kodwa zazingibuka.

¹⁶⁹ Futhi, ngokudla inyamazane idiye, yayingenakubakhona engcono. Kwakuyizinyane lenyamazane elikhulu, amazinyane ezinyamazane amakhulu amabili asekhule ngokwenele. Ngase ngicabanga, “Kulunge impela nje! Sidinga izinyamazane ezimbili amadiye.”

¹⁷⁰ Into ethize yathi, “Uyazi, iNkosi izibeke ezandleni zakho.”

¹⁷¹ Kodwa ngenkathi nginoSomaBhizinisi beFull Gospel, uMfowethu Clayton, cishe unyaka ngaphambili, wahamba nathi ngenkathi ngibamba leyonhlanzi enkulu yerekhodi. Lowonyaka, ngenzela indoda, ngabulala umhlambi oyishumi nesishiyagalolunye wezinyamazane ama elki. Futhi ngi. . . I. . .

¹⁷² Ngezinye izikhathi, osomabhizinisi. . . Ngiyaxolisa ngalokhu, bazalwane bami. Abanye babo bangodokotela, futhi, niyazi, abakwazi ukuhamba; futhi bakhuluphele, niyazi, nabaningi bahlezi phezulu edeskini. Bathi, “Billy, ngitholele eyodwa eneminyaka emibili ubudala. Ngitholele inkomazi eluhlaza sibhakabhaka. Ngifuna inyamazane. Ngitholele—irekhi egcwele.” Awu, nganginejubili nje phandle lapho, ngidubula, ngithola izinyamazane ama elki nezinto.

¹⁷³ Kodwa iNkosi yangitshela ukuba ngingakwenzi lokho. Futhi ngaYethembisa, kulesosiphepho esineqhwa laphaya eColorado, hhayi. . . iminyaka ngaphambi kwalokho. Ngathi, “Nkosi, ngizoholela umuntu enyamazaneni, kodwa ngingabe ngisambulalela inyamazane umuntu.” Qhabo. Lutho ngaphandle uma kuphuthuma futhi sifanele sibe nayo.

¹⁷⁴ Futhi uma nikhumbula, bafana, ubusuku ngaphambi kokuba sisuke. Umfowethu omdadlana bandla ezansi lapho, wayengayitholi inyamazane idiye. Ubani igama lakhe na? UPalmer, uyafika, wayesefaka izishumi zamadola ayishumi esandleni sami. Wathi, “Mfowethu Branham, lezi yizishumi zami, kufake ebandleni.” Wathi, “Ungangitholela inyamazane idiye na?” O! Ng. . .

¹⁷⁵ [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . kwakumi lezozinyamazane ezintathu amadiye, futhi nganginalesisibhamu

sami ehloambe lami. Ngavele nje ngalithi monyu ihloambe lami kanjalo. Ngacabanga, “Ngeke zaphunyula kimi. Zikhona lapha.” Ngangishesha kakhulu ngesibhamu. “Ngingazithola zonke zontathu ngaphambi kokuba zijike.” Niyabo? Futhi nganginesibhamu. Ngacabanga, “Nazo, impela.” Ngavele ngamonyula isibhamu. . .

176 Ngase-ke ngenzeka ngicabanga ngalesosithembiso. Ngathi, “Ngeke ngakwenza. Ngeke ngakwenza.” Ngathi, “Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi indoda yatshela enye, ‘UNkulunkulu ubeke uJowabe ezandleni zakho, noma uSawule,’ uJowabe watshela uDavide. UDavide wathi, ‘UNkulunkulu akavumi ukuba ngithinte abagcotshiwe baKhe.’ Leso kwakuyisithembiso sami, ukuthi angiyikukwenza.”

177 Ngacabanga, “Zisesiqongweni ngqo saleligquma. Ngingazigingqela ezansi ngqo lapho; singazicosha kalula. Izinyamazane amadiye ezinhle ezintathu zimi lapho!”

Ngathi, “Qhabo, ngeke ngakwenza.”

178 Futhi nansi lena lenyuka kanjalo, yamazinyane ezinyamazane, amabili asekhule ngokugcwele, iduna nensikazi, nomama diye. Futhi ziyeza, zihamba phansi, ziqalaza, abafu abakhulukazi abakhuluphele.

179 Futhi ngama lapho kancanyana. Ngase ngicabanga, “Lokho akwejwayelekile, ngenyamazane idiye, nami nalokhu okubomvu engikugqokile kanjalo.” Ngacabanga, “Ngizozethusa.”

180 Ngathi, “Nisezandleni zami! Beningeke niphunyuke uma benifuna, kodwa angizukunilimaza. Qhubekani!” Zavele zabukana nje, futhi zalokhu ziza. Futhi zasondela ngempela kimi, zingibuka.

181 Awu, ngabeka isibhamu phansi emhlabathini. Ngathi, “Mama, thatha izingane zakho bese uqhubekela emahlathini. Ngilapha ngizijabulela eBukhloneni bukaNkulunkulu. Ngethembisa ukuthi angiyikuyibulala inyamazane ngenzele abanye abantu.” Ngathi, “Manje thatha izingane zakho bese uqhubekela emahlathini. Ngiyawathanda lawomahlathi, nami. Qhubeka uphume!”

182 Yangibuka. Futhi zombili zaqalaza, zonke zontathu. Zase-ke zijika zase zisuke zihamba, zase-ke zibuya futhi.

183 Ngase ngithi, “Angizukunilimaza.” Ngathi, “Qhubekani ningene emahlathini. Nisezandleni zami. Beningeke niphunyuke. Kodwa,” ngathi, “Kade ngisezandleni zikaNkulunkulu, futhi nokho angikwazanga ukuphunyuka, nami. Ungiyekile. NgiMenzele isithembiso. Ngiyaniyeka. Qhubekani, nibe nesikhathi esimnandi, nijabulele leli amahlathi. Ngiyalithanda. Qhubekani!”

184 Zama lapho isikhashanyana, zase zenyuka ngokusondela ukuba zidlele esandleni sami, cishe impela; zajika zase

zingibuka, kanjalo, zase zisuka zihamba. Zama zabuka emuva futhi, zahamba zaqhubeka ngqo zangena emahlathini. Futhi ngangimi lapho. Ngacabanga, “Lokho akwejwayelekile, enyamazaneni idiye. Angazi noma yingoba iNkosi uJesu ilapha yini, uBukhona baYo?”

¹⁸⁵ Futhi nje ngaleyonkathi iPhimbo lakhuluma kimi, lathi, “Usikhumbulile isithembiso sakho, awusikhumbulanga na?” Ngazi ukuthi kwakuYiyo.

Ngathi, “Yebo, Nkosi.”

¹⁸⁶ Yathi, “Kanjalo naMi ngiyasikhumbula esaMi. Angisoze ngakushiya. Angisoze ngakuyeka.”

¹⁸⁷ Lowomthwalo wasuka. Bangani abangamaKristu, awukaze ubuye selokhu kwaba yileyonkathi. Lokho kwakunguOktoba odlule. Ngibe ngumuntu ohlukile.

¹⁸⁸ Gcina isithembiso sakho kuNkulunkulu. Noma yini oyisho kuNkulunkulu, ikholwe. Zahlukanise nanoma yini ephambene neZwi laKhe. UNkulunkulu uzozwa futhi aphendule umkhuleko.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

¹⁸⁹ Uyavuma ukuzehlukanisa, kulobubusuku, nakho konke ukungakholwa, ukuba uzwe iZwi leNkosi na? Uma uzokwenza, futhi ukholwe ukuthi Inguyena izolo, namuhla, naphakade! Lezizinto Ethembise ukuzenza, siYibona ikwenza. Ningaziphakamisa izandla zenu futhi nithi, “Nkulunkulu, ngiKwenzela isithembiso kulobubusuku. Ngiyikholwa yonke into Owayethembisa. Ngilikholwa lonke iZwi; ukuthi angeke neze ngisangabaza”?

¹⁹⁰ Baba wethu waseZulwini, Wena uyayazi lendaba ukuthi iyiqiniso. Leso kwase kuyisikhathi sesine. Kwase kuthi-ke okwesihlanu, kwakungomkami uqobo oligugu, ngenkathi U...Ngeviki eledlule, ngenkathi lowodokotela ebhala lesositatimende, lelokhwala elikhulu lasuka ngaphambi kokuba izandla zakhe zimthinte; ngokwalokho nje okwakushoyo.

¹⁹¹ Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobasiza lababantu. Ngियाqonda ukuthi sengigugile. Ngiyazi ukuthi ngifanele ngihambe masinya. Futhi ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi, mangethembeke futhi ngibe qotho kubazalwane bami, mangethembeke futhi ngibe qotho kubantu baKho. Uma ngingeke ngaba nabo, khona-ke angicabangi ukuthi ngiyoba naWe, Nkosi, ngoba ngifuna ukufakazela Wena. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzovumela iZwi liphile kakhulu kithi, kulobubusuku, ukuthi Uzosipha sonke ukukholwa. Nangalesisiphiwo esincane esi . . .

¹⁹² Abantu bacabanga ukuthi ngezinye izikhathi ukuthi isiphiwo siyinto oyibeka ezandleni zakho, bese uphuma bese ucaba indlela yakho. Isiphiwo asisikho lokho, Baba. Kwangathi

bangaqonda ukuthi isiphiwo singesokuba uzidedise wena endleleni, ukuze uMoya oNgwele uzokwazi ukwenza Ofuna ukukwenza.

¹⁹³ Nkosi, masizidedise thina endleleni manje, futhi mawuthi uMoya oNgwele omkhulu uze futhi usebenze ngathi. Futhi kwangathi Singabona, kulobubusuku, izithembiso zikaJesu Kristu, ukuthi... Lo engibhekise kuye ikakhulu kulobubusuku, Nkosi, Lo lapho uNkulunkulu ehla khona phambi kuka-Abrahama, wabonakaliswa enyameni, futhi wazi imfihlo yenhliziyu, KwakunguNkulunkulu. Futhi ngenkathi Enziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu, Wazi imfihlo yenhliziyu. NeBhayibheli liyasho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu lehlulela imicabango osenhliziyweni." Bazi kanjalo-ke abafundi ukuthi WayenguNkulunkulu.

¹⁹⁴ Manje, Baba, Ungeza kulobubusuku futhi uvumele amadokodo ethu athobileyo bandla azinikele kuWe, ukuthi Wena uzosibangela ukuba sikholwe, ukuthi nguMoya waKho ongazazisa Wona uqobo phakathi kwethu kulobubusuku, ukuthi Wena useyilo iZwi. Khona-ke sizozehlukanisa nakho konke ukungakhulwa futhi silandele Wena. EGameni likaJesu, kwangathi Ungakhuluma kithi. Amen.

[Omunye unikeza amazwi okululeka—Umhl.]

¹⁹⁵ Nkulunkulu omkhulu waseZulwini, sihawukele. Sisize, O Nkosi, ukuba sithobele imiYalo yaKho. Futhi sisebenzisele udumo lwaKho. Futhi siyaKubonga ngalamazwi akhuthazayo. Manje uMoya oNgwele mawuhambe ngathi futhi uqinise lamazwi. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

¹⁹⁶ Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Ningangabazi. Yimani isibindi. Isikhathi sokuFika kwaKhe sisondele eduzane.

¹⁹⁷ Manje, kulobubusuku, sinamaqembu amakhadi omkhuleko. Bangaki phakathi lapha onamakhadi omkhuleko, phakamisani izandla zenu. Kuzoba l'khuni kimi ukuhamba ngidabule kuleloqembu nanokubona okufihlakeleyo, uma iNkosi izokunikeza. Kodwa ake nje ngithathe umzuzwana futhi ngisho lokhu, bangaki phakathi lapha ongenawo amakhadi omkhuleko, futhi ukhulekela ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Manje kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingasiza ngamunye wenu.

¹⁹⁸ Ngingumfowenu. UJesu unguMsindisi wenu. UNkulunkulu unguBaba wethu. Thina singabantu. Asisibo abalelizwe, uma sizalwa nguNkulunkulu, singabaPhezulu. Manje, singakabi nomugqa womkhuleko, ukukhulekela abagulayo... Futhi kunendoda lapha emsamo, kulobubusuku, ekhulekela abagulayo, nayo, nabefundisi khona lapho abakhulekela abagulayo. Angifuni ukushiya ukucabanga ukuthi yimi kuphela okhulekela abagulayo. Niyabo? UNkulunkulu aka... Akadingi ukuba asebenzise mina. Anga—Angasebenzisa wena nje kumbe

noma ubani. Into ingukuthi, ukukholwa ukuthi Akushilo ukuthi kuyiQiniso.

¹⁹⁹ Kodwa manje, njengoba ngikushilo lokhu ekuqinisekiseni kwalokho okushiwo, asikhothamise amakhanda ethu nje umzuzwana nje. Wena okhulekayo, futhi uyagula futhi awunawo amakhadi omkhuleko, khuleka futhi usho into enjengale: “Nkosi Jesu, ngiyazi ukuthi iBhayibheli lithi umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo; uNkulunkulu uyakumvusa. Kanti futhi kuyashiwo ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

²⁰⁰ Uma Efana, awu, khona-ke Uzofanele enze ngokufanayo, enze okufanayo. Bese kuthi-ke futhi, iBhayibheli lasho ukuthi i-iZwi likaNkulunkulu lalibukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, futhi lehlulela imicabango owawusenhliziyweni. Siyazi ukuthi ngenkathi iZwi lenziwa inyama, kuMuntu kaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, yilokho impela uNkulunkulu akwenza ngeNdodana yaKhe. UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 14, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, ngisho nemikhulu neminingi, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi.”

²⁰¹ Futhi manje iBhayibheli liyasho, futhi, eNcwadini yamaHeberu, ukuthi UngumPristi oMkhulu manje. Ngabe sonke siyakukholwa lokho na? Impela. “UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Manje, “Unguye.” Hhayi ukuthi Ngi; Unguye. Akukho-muntu onguye. “Unguye manje umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.”

²⁰² Manje, uma uzwa futhi usulungele ukuphuma qecelele futhi nje uzidedele wena, kukho konke ukungakholwa kwakho, futhi uthi, “Mangithinte Wena, mPristi oMkhulu!” Manje, uma EngumPristi oMkhulu, nonguyena izolo, namuhla, naphakade, Uzokwenza njengoba Enza ngaleyonkathi, ngoba Uyafana.

²⁰³ Owesifazane wake waMthinta ngenkathi Elapha emhlabeni, ngokubonakalayo, ngesandla sakhe. Wakuzwa ukuthinta, futhi wajika wayesethi, “Ubani oNgithintile na?” Futhi bonke bakuphika. Kodwa Wehlulela imicabango, futhi Wamfumana owesifazane, wantshela ukuthi yini eyayingalungile kuye, nokukholwa kwakhe kwakumphilisile.

²⁰⁴ Manje, Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Mhlawumbe lowo wesifazane wayengenalo ikhadi lomkhuleko, kodwa wayenokukholwa. Futhi yilokho kuphela okudingekile. Yiba nokukholwa. Thinta iNyanga enkulu. Nangesiphiwo sobuNkulunkulu, uma nje ngingazidedisa mina endleleni, ngidedele uMoya oNgcwele asho lokho Afuna ukukusho, futhi enze lokho Afisa ukukwenza. Naleso yisiphiwo, hhayi nje ukucabangela. Uma kungukucabangela, ngeke kusebenze. Uma kuyikho ngempela, kuyasebenza. Yilokho uJesu akusho, “AkusiMi engenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlalala kiMi.”

Ngakho, bekungebe yimi. WayeyiNdodana kaNkulunkulu; mina ngiyisoni, ngisindiswe ngomusa waKhe.

205 Kholwani nje. Ningacindezeli. Kholwani nje, futhi nithi, “Nkosi Jesu, mangithinte ingubo yaKho.” Khulekani kalula nje. Yibani nilokhu nikhuleka nje. Wonke umuntu hlalani lapho enikhona, khulekani nje futhi nikholwe.

206 Kholwani nje, futhi ningajahi. Ningazami ukucindezela. Kholwani nje. Manje niyakholwa, wonke umuntu na? Ningakholwa na? Khohlwani nje yikho konke osekwedlule. Cabangani ukuthi uJesu wethembisa lokhu. Ngiyazi kungokungejwayelekile, kodwa uJesu wakwethembisa.

207 Manje, uma nithanda, hloniphani nje umzuzwana, khona—ke sizoqala umugqa womkhuleko. Angisho ukuthi Uzokwenza lokhu. Angahle akwenze. Ngomusa kaNkulunkulu, ngi—ngikhululwa kukho, ngiyacabanga, ekucabangeni kwami uqobo. Kwangathi Anga . . .

208 Manje wena, uma uzwa kuthi phakamisa ikhanda lakho futhi nje ubuke ngapha, futhi ube semkhulekweni. Njengoba uPetru noJohane bathi, “Ngibheke,” hhayi, “sibheke,” ngiqonde ukusho njalo, kwakungachazi . . . Nje ukunaka lokho ababekusho.

209 Manje nina niyizethameli. Cishe angabibikho impela phakathi lapha engimaziyo, ngaphandle kwa—kwalababafana bakaMartin behlezi lapha. Futhi ngicabanga ukuthi lona nguMfowethu Daulton ehlezi phansi lapha, anginasiqiniseko, ufake izibuko zakho ezinombala. Ngizozama ukubedlula lapho, abantu engingabazi.

210 Awu, manje kwangathi uJesu Kristu angeza ngamandla aKhe, ukuze nibone ukuthi isithembiso salolusuku, umBhalo owabikezelelwa lolusuku, ngisho nangokukaMalaki 4, ufanele ugcaliseke. Ikhona into ezofanele ikwenze. UNkulunkulu ukwethembisile.

211 Kunenekazi elihlezi khona lapho lapha. Lisendleleni yalo ebheke esibhedlela kusasa. Kade lisengozini, ingozi yemoto. Lizilimazile, lathola izinkathazo zangaphakathi, ingalo embi. Awuna . . . Unehadi lomkhuleko, nenekazi na? Awunalo. Ngabe ngiyisihambi uqobo kuwe na? Angikwazi. Asazani. [Udade uthi, “Qhabo, mnumzane. Ngikuzwile ushumayela.”—Umhl.] Mem? [“Ngikuzwile ushumayela.”] Wangizwa nje ngishumayela, kodwa uyazi angazi lutho ngawe. Ngabe lezozinto ziyiqiniso na? Uma lokho kuyilo, phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. Kulungile, mnumzane. Yiba nokukholwa, awuzukudingeka ukuba uhambe. Inkathazo yakho isiphelile.

Lithinteni inenekazi na?

212 Kunendoda ehlezi emva kwalo ngqo. Awukuboni lokho kuKhanya na? Buka lokho ukuKhanya okumbala-uphuzi kuhamba. Yindoda ehlezi emva kwalo ngqo. Ikhuleka mayelana nento ethize, ngumfowabo osesibhedlela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa umfowenu, ambuyisele ingqondo yakhe esile nayo yonke into, amenze abe kahle na? Uyakhukholwa lokho na? Ngiyisihambi kuwe. Kunjalo na? Leyo yicon-... Kholwa! Kulungile, ungaba ne...

Ithinteni na?

213 Nanti inenekazi, emuva ngqo emva kwalokho, lihlezi emuva lapha. Li...Uyakubona lokho kuKhanya, ungakubona na? Buka *lapha*. Buka, wonke umuntu akabuke, niyabona khona *lapha*, kuthi akube yiNdingilizi ebukeya iphuzi. Ngezansi ngqo kwaKho yinenekazi. Lilapha, ukhona elimkhulekelayo. Ngabantwana ababili, indodana engumzukululu, nendodana engumzukulwana. Inenekazi alisilo elalapha. LingelaseCalifornia, futhi lize lapha licela umkhuleko.

214 Futhi, ukhona onalo. Ngudadewabo. Uhlezi emuva ngqo lapha, ufake ingubo ebomvu. Unesithuthwane. Lelo yiqiniso. UngowaseCalifornia, futhi uze naye. Igama lakho unguMary. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. Ngabe lezozinto ziqinisele na? Vayizelisa isandla sakho uma kuyiqiniso. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Khona—ke ungaba nakho okucelile. Manje, noma ubani ufuna ukubuza abantu ukuthi bengibazi yini... Unalo ikhadi lomkhuleko, nenekazi na? Awunalo? Awulidingi.

215 Lapha, nansi indoda ihlezi ngqo emuva lapha, ingibuka, ekupheleni komugqa. Inenkathazo ngamadolo ayo. Uma izokholwa ukuthi uNkulunkulu uzowaphilisa lawomadolo, ingahle ibe nakho lokho ekhuleka mayelana nakho. Uyakhukholwa na? Kulungile, inkathazo yedolo lakho isiphelile, mnumzane. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo ikhadi lomkhuleko na? Awulidingi.

Manje, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade!”

216 Inenekazi lihlezi lapha, linenkathazo yabesifazane. Uyakholwa na? Ya, inenekazi...O, he, lizophunyuka kuyo. Linebhantshi elibomvu. Igama lalo nguNkosazana Daily. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. INkosi uJesu Kristu iyakusindisa, Nkosazana Daily.

217 Buzani ukuthi ngabe ngiyalazi yini inenekazi. Angikaze ngilibone empilweni yami. UBaba waseZulwini uyakwazi lokho.

Wena uthi, “Ulibizeleni, igama lalo na?”

218 Awu, uJesu wathi, “Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJonase.” Kunjalo na? Manje, lowo akusuYe yini, onguyena izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Uyakukholwa lokho ukuthi kuyiqiniso na? Manje, wathini uJesu na? Lokhu kuyokwenzeka.

²¹⁹ Futhi, khumbulani, leso kwakuyisibonakaliso sokugcina esanikwa iBandla elikhethiwe, uAbrahama nesigejane sakhe, ngaphambi kokuba indodana ethenjisiwe ibonakale. Kunjalo na? UNkulunkulu wayenikeze uAbrahama izibonakaliso njalo ohambweni, Ulenze kanjalo iBandla. Kodwa ngenkathi iNgelosi yeNkosi yehla futhi yenze lokho, Yabhubhisa abeZizwe abangakholwayo; nendodana ebhekiwe, eyayikade ilindelwe, yabonakala, uIsaka.

²²⁰ Lenkonzo izophela masinya, neNdodana ebhekiwe izobonakala, qobo lwaYo. IBandla lize lisuka ekulungisisweni, ngeLuthela; ukungcweliswa, ngamaWeseli; langena embhaphathizweni kaMoya oNgcwele ngamaPentecostal; futhi manje liphethela enkonzweni yetshe eliyiNhloko, lifanekisa sonke isikhathi kuze kuyongena kuleso esiPhelele; isithunzi sesithombe sangempela siba yisithombe sangempela, khona-ke uJesu uyofika ukuba ahlwithe iBandla laKhe, ngoluny'usuku, labo abakholwayo.

²²¹ Zahlukanise nokungakholwa, futhi ukholwe, kulobubusuku. Uzokwenza na? [IBandla lithi. "Amen."—Umhl.]

²²² Akuthi labo abanamakhadi omkhuleko manje, kuqala... Ngikholwa ukuthi ngikhulekele kwaze kwayofika emashumini amabili-nanhlanu, izolo ebusuku. Kunjalo na? Ngicabanga ukuthi yilokho okubekwe phansi, inombolo yokuqala, amashumi amabili-nanhlanu. Manje amashumi amabili-nesithupha, amashumi amabili-nesikhombisa, amashumi amabili-nesishiyagalombili, amashumi amathathu, shayani umugqa phezulu *ngapha*. Namakhadi omkhuleko inombolo yokuqala, shayani umugqa ngakuloluhlangothi ngapha. Nizokwenza manje na?

²²³ Manje, sinomugqa wokubona okufihlakele ngaphandle kwamakhadi omkhuleko. Ngakho abantu bathi bengifunda lokho okwakusemakhadini abo omkhuleko, kwakukhona... Labobantu babengenakhadi lomkhuleko. Bangabantu nje behlezi lapho, futhi manje kuyaqhubeka. Bangaki okubonile lokho kuhamba uhhafu wehora ngesikhathi esisodwa, noma ngaphezulu, kanjalo, niyabo, nezinto zenzeka! Kodwa, niyabo, sifanele sibambe amandla amancane. Nginemihlangano ethize eyeve emashumini amane ngaphambi kwami, ukujikeleza ezansi kudabule eNingizimu.

²²⁴ Futhi manje wozani *ngapha*, *nina* namakhadi enu omkhuleko, wozani ngakuloluhlangothi. Nonke eninamakhadi omkhuleko A, wozani nganeno ngakuloluhlangothi ngapha, amakhadi omkhuleko A.

²²⁵ Manje, sonke thina abanye, asiculele uNkulunkulu, *Kholwa* Kuphela. Nizokwenza lokho na? Sonke kanyekanye.

Kuphela . . . (Yilokho kuphela. Kholwa ini nje?

Kholwa iZwi laKhe) . . . kholwa kuphela,

Zonk'into ziyenzeka, kholwa kuphela;

Kholwa kuphela . . .

Nkosi . . . Nkosi . . .

226 [UMfowethu Branham usho okulandelayo komunye osemisamo—Umhl.]: Mhlawumbe uma bengingehlela lapho ngqo, mhlawumbe bekungangcono na? Singakwenza ukuba sehlele lapho, sikhulekele abagulayo na? Sehlele *lapha*, sikhulekele abagulayo na? Kubukeka sengathi singakwenza.

227 Bangaki okhathalele lababantu ukuba baphilise na? Manje, niyabo, ukuphilisa kungokukaNkulunkulu. Kunjalo na? Manje, ukuba uJesus ubeme lapha kulobubusuku, egqoke lesudu yezingubo Angipha yona, futhi ebegqoke lesudu yezingubo, qobo lwaKhe, i . . .

Ukuba beningathi, “Nkosi, Uzongiphilisa.”

228 Ubezothi, “Sengivele ngikwenzile.” “Yalinyazwa ngeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina.” Kunjalo na? Niyabo, Usevele ukwenzile; kukosekwedlule.

229 Wena uthi, “Nkosi, ngisindise.” Isevele ikwenzile. Akunandaba ukuthi ukhala kakhulu kangakanani, noma ukhuleka, futhi ushaye ebhentshini, ngeke kukusindise uze ukholwe futhi wemukele lokho Ekwenzele khona. Kunjalo na?

230 Kuyinto efanayo. Angibasindisi abantu. Ngeke ngabasindisa Abantu. Kodwa lokho Yona ezokwenza, uma Inguye izolo, namuhla, naphakade na? Izokwenza nje lokho Eyakwenza manje, ngokuba yilokho Ekwethembisela usuku. Bangaki owaziyo ukuthi yilokho Ekwethembisile na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ikwethembisile. Yebo, mnumzane. Yakwethembisa, kuyo yonke imiBhalo. Nonke thathani amatheypu, *ImiNyaka yeBandla eyisiKhombisa*, nezinto, nibone lezozinto zifakazelwa ngumBhalo, ukuthi kuqinisele.

231 Manje, kinina enimi kulomugqa womkhuleko, ukuba nehlele kulowomugqa wokubona okufihlakeleyo. UJesus wabona umbono owodwa, Wayesethi, “Ngiyabona ukuthi kuphumile amandla kiMi.” Lokho kungukuqina. Kunjalo na? Imibono, ukwelinye izwe. Manje, Ulapha. Lowo nguYe omthintile. Niyabo? Manje, kukhomba nje kuphela ukuthi Ulapha nathi.

232 Manje bangaki abazokholwa, uma nje sizovele sihambe sidlule kulomugqa, futhi ngikhuleke bese ngibeka izandla phezu kwakho, bese ubuyela esihlalweni sakho na? Uyakholwa uma ngikukhulekela lapha, bese-ke ngibeka izandla phezu kwakho, ngamunye wenu nisindiswe na?

233 Niyakholwa ukuthi lowo bekunguMoya oNgewele lapha na? Bekungaqhubeka nje nokukwenza. Uma nifuna ukulahlekelwa amalungelo alowomugqa, futhi nilokhu niqhubekela abanye

futhi, ngani, sizokwenza lokho. Niyabo, yilokho-ke, uMoya oNgwele ulapha. Niyabo? Akusikho... Nje kuseku-kucabangeni kwakho, uma bengingakwenza ukholwe kakhulu.

²³⁴ Kodwa abantu abaningi ufindiswe ukuthi, “Beka izandla phezu kwabo.” IBhayibheli lathi, “Wathumela iZwi laKhe futhi labaphilisa.” Awu, yilokho Akwenzile manje nje, uqinise iZwi laKhe, waLithumela kini, waLiqinisa, futhi Labaphilisa. AbeZizwe bathi...

UmJuda wathi, “Woza, ubeke izandla phezu kwendodakazi yami, izophila.”

²³⁵ UmRoma wathi, “Angifanele ukuba Uze phansi kophahla lwami. Khuluma izwi nje!” Ehhe. Yilokho engizama ukunitholela ukuba nikukholwe, niyabo.

²³⁶ Kodwa uma nifuna ukukhulekelwa, nezandla zibekwe phezu kwenu, manje ngifuna nonke nijoyine kanye nami emkhulekweni njengoba sikhulekela abantu.

Asikhothamise amakhanda ethu.

²³⁷ Nkosi Jesu, ngikhulekela abantu manje. Bayazi ukuthi Wena umi lapha. Bayazi ukuthi Uphakathi kwabantu. Futhi uma lababantu bedlula phezu kwalomsamo kulobubusuku, kwangathi bangeze, nje beza ngami, inceku yaKho, noma lezi ezinye izinceku zaKho zihlezi lapha. Kwangathi bangaqonda ukuthi beza ethempelini likaNkulunkulu ophilayo, beza phansi kwesithembiso ukuthi uNkulunkulu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Wakwethembisa lokho. Wethembisa ukuthi wonke umuntu oyokholwa uyosindiswa, nawo wonke umuntu okholwayo uyasindiswa. Wonke umuntu okholelwa ekuphilisweni uyaphiliswa. Baba, siza ukungakholwa kwethu manje.

²³⁸ Uzikhombe Wena uqobo lapha kulobubusuku, ngokombhalo, ukusikhombisa ukuthi Wena ulapha. Manje makufezeke ukuthi wonk’umuntu odlula kulomsamo, noma kulezizethameli, kwangathi kungebebikho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu uma inkonzo isiphelile. Kwangathi uMoya oNgwele omkhulu ungeza phakathi kwabantu baKhe futhi usigcobe, sonke, Nkosi, bonke lababefundisi, zonke lezizinceku zaKho zihlezi lapha, ngamakhulu. Baba, ngikhulekela ukuthi ngamunye wemikhuleko yethu uzoya kuWe siseseBukhoneni bobuNkulunkulu bobuKhona baKho. Futhi kwangathi lababantu bangaqonda, njengoba bedlula lomsamo, ukuthi kulobubusuku ngubusuku bokuphiliswa kwabo, uma bengakukholwa.

²³⁹ Manje ngifuna wonk’umuntu aqhubeke emkhulekweni njengoba abantu bedlula, futhi ngizobe ngibeka izandla phezu kwalowo ngamunye ngokuphiliswa kwabo.

- 240 Woza, mnumzane. Ngikhulekela lo, umfowethu. EGameni likaJesu Kristu, philiswa.
- 241 Ngikhulekela lo, umfowethu. EGameni likaJesu Kristu, philiswa.
- 242 Ngikhulekela udadewethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe. Amen.
- 243 Ngikhulekela udadewethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe.
- Ngikhulekela udadewethu, eGameni likaJesu, ngokuphiliswa kwakhe.
- Ngikhulekela udadewethu, eGameni likaJesu, ngokuphiliswa kwakhe.
- 244 Ngikhulekela umfowethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe.
- 245 Ngikhulekela udadewethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe.
- 246 Ngikhulekela umfowethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe.
- Ngikhulekela umfowethu, eGameni likaJesu, ukuthi Uzomphilisa.
- 247 Ngibeka izandla phezu komfowethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe.
- 248 Ngibeka izandla zami phezu kwalomfowethu, eGameni likaJesu, ngokuphiliswa kwakhe.
- 249 Nezandla zami zibekwe phezu kwalomfowethu, ngicelela ukuphiliswa kwakhe, eGameni likaJesu, eseseBukhoneni bobuNkulunkulu lapha manje bogcobo lwaKho.
- 250 Philisa lo, udadewethu, Baba, ngiyakhuleka, eGameni likaJesu. [Udade uthi, “NgiyaKubonga, Jesu.”—Umhl.]
- 251 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...Gameni likaJesu Kristu, makaphiliswe.
- 252 Kanjalo, phezu komfowethu lapha, Baba, ngibeka izandla zami. EGameni likaJesu, makaphile.
- 253 Baba, Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu kukadadewethu. Makaphiliswe, eGameni leNkosi uJesu.
- 254 Baba wethu, ngibeka izandla phezu kwalomfowethu, futhi ngicelela ukuphiliswa kwakhe, eGameni likaJesu. Amen.
- 255 EGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu komfowethu, futhi ngicelela ukuphiliswa kwakhe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.
- 256 Baba wethu waseZulwini, ngibeka izandla phezu komfowethu, futhi ngicelela ukuphiliswa kwakhe.

Ngihlanganisa ukukhuleka kwami, Nkosi, nomkhuleko wakhe, nomkhuleko webandla ukuthi nibuthene kulobubusuku. Izandla zami phezu kwakhe, ngibandakanya ukukholwa kwami eNdodaneni kaNkulunkulu, ngicela ukuphiliswa kwakhe. Amen.

²⁵⁷ Manje sinezinye iziguli zezihlalo ezinamasondo lapha ukuba zikhulekelwe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

²⁵⁸ UJesu wathi, ngesinye isikhathi, “Niyakwazi eNgikwenzile kini na?” Ngenze khona nje uNkulunkulu akuyala ukuba kwenziwe.

²⁵⁹ Manje asikhuleke kanyekanye, ngamunye. Njengoba nibeka umqondo wenu phezu kukaNkulunkulu, bambani umkhuleko wenu. Khumbulani, kholwani manje, kholwani nathi. Ngamunye wenu lapha, ogulayo, futhi mhlawumbe ubungenalo ikhadi lomkhuleko...

²⁶⁰ Manje, sizobe sikhapha amakhadi omkhuleko futhi, kusasa ebusuku, ligamenxe elesithupha noma elesikhombisa, into efana naleyo, ligamenxe elesithupha noma elesikhombisa, ngakho sizoba nomugqa womkhuleko futhi kusasa ebusuku. Ngiyaxolisa ukuthi nginihlalise sedlula kancane isikhathi kulobubusuku, ngenxa yomugqa womkhuleko. Kwangathi uNkulunkulu anganibusisa.

Manje asikhothamise amakhanda ethu futhi.


²⁶¹ Njengoba sikhuleka, Baba, sithethelela wonke umuntu isono sakhe ngathi. Uma kutholakala noma yini kithi, okungafani naWe, sithethelele, Nkosi. Ngokuba, siyatshelwa ukuthi sifanele ukuba yi “zincwadi ezilotshiwe zikaNkulunkulu, ezifundwa ngumuntu wonke.” Futhi njengoba siyithobele imiYalo yakho, sabubona uBukhona baKho bukhomba Wena uqobo unathi; abantu uhambe wenyukela kulomsamo, befakaza ngokukholwa kwabo. Sibeke izandla phezu kwabo, Baba. Hhayi nje njengomunye wethu, kodwa sonke kanyekanye, emkhulekweni, sibeke izandla phezu kwabo, sikholwa ukuthi Uzophilisa imizimba yabo.

²⁶² Wena wathi, ngenkathi Ulapha emhlabeni, “Uma nicela uBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyakukwenza.” UJesu wase...Ndodana kaNkulunkulu, leso kwakuyisithembiso saKho, Nkosi.

²⁶³ NaLo owenza isithembiso uZibandakanye lapha kulobubusuku ukugcwalisa isithembiso saKhe. Ngakho ku—kuqhutshiwe, Imiyalo yaKho, sibeka izandla phezu kwabagulayo. Manje, makwenziwe. Kade kulotshiwe, makwenziwe. Amandla kaJesu Kristu mawabhidlize kulobubusuku, futhi ehlukanise wonke umuntu ophakathi lapha, kunoma yikuphi ukungakholwa, futhi makuthi uBukhona bukaJesu Kristu, iZwi, Owazi imicabango yenhliziyo yethu, MaLibuse ezintweni zonke kulobubusuku kuyo yonke inhliziyu.

²⁶⁴ Futhi sikhuza uSathane nawo onke amandla akhe obumnyama, onke amandla akhe okungakhohwa. UMoya kaNkulunkulu uphakamise ibhanela ngokumelana nawe, Sathane. Uyisidalwa esehluliwe. UJesu Kristu wakwehlula eKalvari.

²⁶⁵ Wavuka, ngosuku lwesithathu, wanqoba phezu kokufa, isihogo, nethuna. Wenyukela Phezulu wayesepha umuntu izipho. Ulapha eMntwini kulobubusuku. Wathi, “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Sibona uBukhona baKhe lapha kulobubusuku, bugcwalisa iZwi laKhe. Ngokukholwa siyakhohwa ukuthi wonke umuntu ogulayo phakathi lapha uzophiliswa, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu.

²⁶⁶ Nabantu bathi, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UNkulunkulu anibusise. Ngibuyisela kumfowethu. 

IZWI LIKANKULUNKULU LIBIZA
UKWEHLUKANA NYA NOKUNGAKHOLWA ZUL64-0121
(God's Word Calls For A Total Separation From Unbelief)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesibili kusihlwa, ngo Januwari 21, ngo 1964 eRamada Inn ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org